# *Ukuba Nesineke*

Asibe silokhu simile nje, umzuzwana nje, ngomkhuleko njengoba . . . Ngaphambi kokuthi siye emkhulekweni, ngabe zikhona yini noma yiziphi izicelo ongathanda ukuzazisa ngokuphakamisa isandla sakho na? Ngiqinisekile ukuthi Uzoqonda okungaphansi kwesandla sakho. Sengathi uNkulunkulu angakupha khona. Asikhothamise izinhliziyo zethu manje phambi kwaKhe.

2 Baba wethu waseZulwini, sisondela kuWe futhi, kulobubusuku, eGameni leNkosi uJesu ukubonga nokudumisa ngakho konke esikubonile nesikuzwile usuku lonke, nangempilo namandla okuqina ethu, ngokuba ngophilayo nosemhlabeni, futhi sibuthene lapha kulobubusuku, ekukhonzeni Wena.

3 Manje, kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu ungeza phakathi kwethu kulobubusuku, Nkosi, futhi wenze nje izimangaliso nezimanga. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzosenzela njengoba Wenza kulabo e-Emawuse ngalobobusuku, ukuthi lapho sisuka lapha kulobubusuku, sengathi singaya ekhaya sithi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma nathi endleleni na?" Siphe khona, Baba.

4 Busisa ukufundwa kweZwi, nendikimba nomongo. Futhi i . . . Sizinikela kuWe, Nkosi, neZwi laKho, sisebenzise njengoba Ubona kufanele. Siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

5 INkosi inibusise. Sithatha lokhu njengenhlanhla enkulu kakhulu, kulobubusuku, ukubuthana lapha kanye nani futhi emkhulekweni. Sibe nosuku olumangalisayo. Futhi ngiba nje nokusha iphimbo okuncane, ngishumayele ngaso sonke isikhathi, futhi ngakho ngi, ngithi ukuhlala ngokushukumiseka kancanyana emphinjeni.

6 Kodwa sibe nomhlangano omkhulu namhlanje ekuseni enhlanganyelweni, umhlangano weBusiness Men's Fellowship eClifton's Cafeteria, sibe nesikhathi esihle kangako. Sihlale sinaso enhla lapho kwaClifton. Kungigcinele izinkumbulo eziningi. Futhi mina . . .

7 Uma lelonenekazi lilapha elikhokhele ukudla kwami kwasekuseni kulokhu ukusa, Dade, ngifuna ukukubonga. Bengingamazi ngisho owesifazane, uyangena futhi wazungeza waba ngaphambi kwami. Futhi wabeka izinduku zokusasipinashi laphaya, ngakho ubazi ukuthi bengingumfana wasemaphandleni, ngakho unginika izinduku zokusasipinashi. Kwase kuthi lapho ngiphuma, uweta wathi, noma, umshayi wesisefo wathi, "Lelo nenekazi livele lakhokhela idina lakho," mina, noma, "isidlo sakho sasekuseni." Bengingazi ukuthi belingubani. Futhi uma lilapha, impela ngifuna ukulibonga.

8 Yebo, sinesikhathi esimnandi lapho kwaClifton ekuseni, futhi iNkosi yenze ezinye izinto ezinkulu. UMfowethu Victor *Le Doux*, ngi—ngiyazi ukuthi angilibizi kahle lelo, Le Doux, kulapho lesosiprofetho saphuma khona sivela kuDanny Henry, nginaso eBhayibhelini lami lapha, okwakuyinto enkulu. Lapho uDanny Henry, mina . . . vele asondele ezongigaxa ukuba akhuleke kanye nami, futhi, ngemva kwenkonzo, futhi wakhuluma ngesiFulentshi. Futhi—futhi umhumushi we-U.N. kwenzeka ukuba abe sesakhiweni futhi wahumusha. Futhi kwakuyiyo impela nje into engangiyifuna kuNkulunkulu. Futhi ngakho, izinto eziningi.

9 Futhi ngikhumbula into eyodwa. Lokhu kuthi akube ngokwe, kuhle kinina bodade, niyazi. Bona . . . Bengimile ngilinde uMfowethu Arganbright, umfowethu oligugu emkhandlwini weFull Gospel Business Men lapho, futhi—futhi ubengena. Futhi angikaze ngibone noma yikuphi kwalokhu lapha izinto ezintsha abesifazane abazifakile ebusweni babo. Futhi ngabona owesifazane ekhuphuka lapho enamehlo aluhlaza satshani, futhi ebomvu nxazonke naphezu kobuso bakhe, futhi nga—ngacabanga, "Lowo wesifazane bandla!" Ngabheka emuva, futhi ngacabanga . . . Ngi—ngiyisithunywa senkolo, futhi ngi—ngi—ngisibonile isifo sokudabuka kwesikhumba futhi ngilubonile uchoko, kodwa a—angazanga ukuthi yini ebingalungile ngaye. Futhi bengilokhu ngimile, ngibheka, ngacabanga, "Uyazi, ngi—ngikholwa ukuthi ngizoya ngale ngitshele owesifazane bandla, 'ngi . . .' Bengizoya ngale bese ngithi, "Dadewethu, uxolo. Ngi—ngi—ngikhulekela abagulayo, uma—uma kukhona—uma kukhona engingakwenza ukuze ngikusize, ngazise."

10 Futhi nakhu kukhuphuka omunye wesifazane, ngendlela efanayo, ngathi, "Kufanele kube, mhlawumbe banohlobo oluthile lombukiso oqhubekayo, niyazi, noma okuthize abakufakayo," osomahlaya, niyazi, ukuthi bapenda kanjani, niyazi, futhi babukeke kanjalo. Futhi ngokwejwayelekile bengingecabange ukuthi isidalwa esingumuntu besingafuna ukuzona emzimbeni kanjalo, mina . . . owesifazane omuhle ubengafuna ukubukeka kanjalo.

11 Kwase kuthi-ke babenalokho kugundwa kwezinwele kwekhanda elinamanzi okukhulu, niyazi, lolo hlobo lwe . . . futhi khona impela, kwakungukubukeka kabi kabi . . . Kodwa intombazane enhle imi lapho, futhi yonakalise okwayo . . . Awu, okuyikho, yilowo mbono weNdlunkulu, niyazi. Futhi niyazi, uJezebeli wayeyindlunkulu yase—yasePalastine ngesinye isikhathi, naye, ngakho qaphela ukuthi uzifanisa nani, uyabo? Ungazami . . . Zama ukubukeka njengoba uNkulunkulu eshilo. Vumela izinwele zakho zikhule, yilokho uNkulunkulu athi kwenze.

12 Usuku emva kwemihlangano yethu ePhoenix kwabakhona

inenekazi elincane elikhuphukayo, lathi, "Mfowethu Branham, kusukela emihlanganweni," lathi, "ngayeka izinwele zami zikhule."

Ngathi, "Awukude noMbuso manje."

13 Lona—lona lathi, "Udadewethu wayenebhala eligcwele lezi zikhindi nezinto, wayezozilahla emgqonyeni kadoti, nodade olandelayo uyafika, wazithatha." Futhi lathi, "Wathi wayeseqedile ngalezozinto."

Ngakho ngathi, "Lokho kulungile, ngikholwa ukuthi iBandla lizobuya lime ngezinyawo zaLo ngolunye usuku, uma Liqhubeka kanjalo, Lizolunga."

Ngahlangana nendoda kungekudala, yathi, "Kungani ungabashiyi labo besifazane?"

Ngathi, "Awu, angazi."

Yathi, "Abantu bakuthatha njengomprofethi."

Ngathi, "Angiyena."

Yathi, "Kodwa bakuthatha kanjalo. Kungani ungabafundisi izinto ezijulile, ukuthi zamukelwa kanjani iziphiwo ezijulile zokomoya?"

14 Ngathi, "Ngingabafundisa kanjani ongwaqa kuyilapho bengeke babazi ngisho no-ABC babo na?" Niyazi ukuthi u-*ABC* umeleni, anazi na? "Kholwa UKristu Njalo." Futhi lokho—lokho kunjalo, labo ngo-ABC bokuqala. Bavumele bafunde ukuthi ukwenza kanjani lokho, futhi khona-ke sizobe sesifundisa okuthize okuhlukile kancane, niyazi. Futhi ngakho, lapho sithola lokho, ngani, sisondela kakhulu impela e—eMbusweni.

15 Manje, kube usuku oluhle kakhulu. Ngibe nesikhathi esimnandi lapha izolo ebusuku. Awusho, uyazi, ngabe uke wazama obunye balobo buthi na? Kulungile, akunjalo na? Niyazi, uPetru wabatshela ukuthi banokolotwe kanjani. Futhi niyazi benza ngokuxakile, kodwa impela babenokolotiwe, leyo kwakuyinto eyodwa.

16 Sasivame ukuthi, lapho sibeka uphawu amankonyane, niyazi, sasithatha insimbi yokubeka uphawu, bese siyishaya kuwo *kanjalo*, futhi he, ukhuluma ngokuklabalasa nokumpongoloza, kodwa lalazi ukuthi lalingelakuphi emva kwalokho, lokho kwakuyinto eyodwa ngakho. Ungaleyondlela uMoya oNgcwele, Ungahle ukwenze umpongoloze kancanyana, kodwa uyazi ukuthi ukuphi emva kwalokho. Kunjalo. Ungowohlobo kusukela ngalesosikhathi kuqhubeke.

17 Noma yini engingayithandi uku—ukuzalanisa. Ngashumayela ngalokho esikhathini esithile esedlule, futhi bengihlala njalo ngithi enye yezinto ezimbi kabi umnyuzi. Lowomfo akazi ukuthi ubaba, umama ubani, akazi lapho avela khona, futhi impela akayi ndawo, ngoba yena, niyabo, umama

wakhe, i—ihhashi nobaba wakhe, i—imbongolo, futhi—futhi yena u—yena uyi . . .

18 Lokho kufakazisa isayensi, ngenkathi becabanga ukuthi abantu babelokhu beya ngokuba bakhulu futhi bezalanisa ngapha nangapha, nokunye nokunye, kusuke empilweni yesilwane kukhuphuka, ngani, okokuqala uxubanisa imbewu, kukumisa khona lapho, ngeke kusakwazi ukuqhubeka. U—ungawubhastela ummbila, kodwa ungeke uphinde uwutshale lowo mmbila obhasteliwe, ngeke ukhule. Ngakho niyabona, ba—basanda kuthola ukuthi into yalahla umbono wabo siqu, ngakho ungeke wakwenza lokho.

19 Ngakho . . . Kodwa mina . . . Umnyuzi, uyisimungulu, niyazi, ungavele ukhulume nawo, futhi uzolinda impilo yawo yonke ukuze uthole, ukukhahlele ngaphambi kokuba afe. Futhi wona . . . Ungawutshela . . . Awukwazi ukuwufundisa lutho, unekhanda eliqinile. Ungazama ukuba mnene kuwo, futhi uzovele umise amadlebe awo, niyazi, futhi umpongoloze, "Oo, izinsuku zezimangaliso selwedlule. Oo, ayikho into enjalo," futhi uyazi, ukuklabalasa nje.

20 Kodwa elohlobo lwangoqobo elihle, ihhashi lozalo ungalifundisa nje noma yini. Liyazi ukuthi ubani ubaba walo, ukuthi ubani umama walo, ngubani ukhokho walo wesilisa nokhokho walo wesifazane, liyawazi umlando kusukela le emuva.

21 Futhi kunjalo nangomKristu omuhle wozalo owazalwa ngoMoya oNgcwele. Akudingeki ukuba athi, "NgangiyiMethodisti, iBaptisti, futhi ngadingeka ngishintshele kwiPresbyterian, iLuthela." Wazalwa nguMoya oNgcwele emndenini kaNkulunkulu, nozalo lugijima luthi ngqu ePentekoste nalo. Haleluya! Amen. Ngiyakuthanda lokho kunokolotwa.

22 Ngamangazwa uDadewethu Shakarian. Ngabe ukhona, Dadewethu Shakarian? UDadewethu Demos Shakarian, kulokhu ukusa ubesho emhlanganweni e . . . EPhoenix sasinedili, idina, idili, noma ngabe nikubiza ngani, ngikuthola kuxovekile konke lokho ngaso sonke isikhathi. Ngi—ngangivame ukuba nokudla kwasekuseni, nedina, nesidlo sakusihlwa, futhi manje, banaleodina elibekwe lapha okokudla kwakusihlwa, futhi uma ngibiza lokho ngedina, khona-ke kwenzekani ngesidlo sami sakusihlwa na? Angikwazi nje, angikwazi ukuqondisa into ngandlela thize. Futhi—futhi ngi . . . ukudla kwasekuseni nje, idina, nesidlo sakusihlwa endlini yethu, ngakho futhi lokho kulungile. Uyenza . . . awulidli idina leNkosi, udla isidlo sakusihlwa saYo. Akunjalo na? INkosi . . . Ngakho sikulokho ngqo, mfowethu, noma ubani othe, "Amen," kulokho.

23 Kodwa sasinalelodili ngalobobusuku, futhi kwenzeka ukuba . . . Awunakho ukulawula lokho uMoya oNgcwele

ozokwenza. Niyabo? AwuMlawuli, Uyakulawula, niyabo. Lapho noma ubani engena, wathi, "Manje, wena, *s'bani-bani* . . ." Ngani, awazi ukuthi Uzokwenzani, ufanele nje ulinde.

24 Khona-ke ngiyakhumbula, uMoya oNgcwele wehla. Futhi—futhi kulokho kubona okufihlakeleyo, kufana nje nokuwa ungene egiyeni. Futhi abantu abakuqondi, kodwa yibona abenza lokho, akumina, ukukholwa kwabo.

25 Ngingahle ngizame ukunikeza umzuzwana nje omfushane noma emibili yokuchaza ngakho, ngizame ukukuchaza. Ungeke wamchaza uNkulunkulu, ngoba ufanele nje umkholwe uNkulunkulu. Uma ungaMchaza, khona-ke awusenakukwamukela ngokukholwa, niyabo, ngoba wazi konke ngakho, uma ungakwazi ukukuchaza. Kodwa samukela uNkulunkulu ngokukholwa.

26 Kodwa niyabo, kuKristu kwahlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. Manje, WayenguNkulunkulu, siyingxenye yalowoMoya. Wanikwa thina ngesilinganiso, Yena ngaphandle kwesilinganiso. Kodwa uma ngithathe amanzi agcwele isipunu, noma inkomishi egcwele amanzi, olwandlekazi phandle lapha, bekungaba amakhemikhali afanayo kulawo manzi, abeyoba kulo lonke ulwandlekazi.

Ngakho ukanjalo uMoya oNgcwele. Lapho Ukithi Awumkhulu kangako, kodwa U—Ungaphakathi . . . NguMoya ofanayo nje, wenza izinto ezifanayo.

27 Khona-ke niyaqaphela ngesinye isikhathi lapho iNkosi yethu . . . Yathi Ayenzanga lutho uBaba aze aYikhombise kuqala. Futhi Yayinomngane ogama lakhe linguLazaru, futhi Yena, ihlala nalomngane, futhi umngane wayezogula, ngakho uBaba kufanele ukuthi WaYibiza yahamba, futhi waYinikeza umbono ukuba ihambe.

28 Yalinda izinsuku *eziningi kangaka.* Bathumela kuYo, Ayizange ihambe, Yayilokhu iqhubeka nje ihamba. Khona-ke emva kwesikhathi esifanele uBaba ayeYitshengise ukuthi uzothatha uLazaru ukuba afe, Yathi, "ULazaru ufile. Futhi ngenxa yenu ngiyajabula ukuthi bengingekho lapho, kodwa ngiyahamba ngiyomvusa."

29 Futhi ngakho, lapho Ifika e . . . UMarta kanye nabo . . . Siyayazi indaba. Kwase kuthi-ke, ngenkathi Ivusa lomuntu ofile, Ayizange isho lutho ngokuba buthakathaka, lowo kwakunguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saYo.

30 Kodwa-ke, owesifazane omncane wacindezela esixukwini futhi wathinta umphetho wengubo yaYo, yase Iphenduka, ingazi ukuthi kwakungubani, Yathi, "Ubani oNgithintile?"

31 Futhi uPetru waYikhuza, wathi, "Nkosi," ngamanye amazwi, kungenzeka ukuthi washo lokhu, "kungani, lokho kuzwakala

kungavamile kakhulu ukuba—ukuba Wena usho lokho, lapho wonke umuntu eKuthinta."

32 Yathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi seNgibe buthakathaka." Futhi Yabheka nxazonke yaze Yamthola owesifazane, futhi Yamtshela ukuthi umopho wakhe, ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile, ukukholwa kwakhe, hhayi umkhuleko waKhe, ukukholwa kwaKhe, kodwa ukukholwa kwakhe. Lowo kwakunguye owesifazane ethinta uNkulunkulu ngaYo okwaYenza yaphela amandla. Lowo kwakungowesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu, kodwa ngenkathi uNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe uQobo, Akazange asho lutho ngakho, niyabo, ebuthakathaka.

33 Awu, leyo yinto efanayo okuyiyo emihlanganweni, ngabantu abenza lokho. Uma ungakukholwa, akusoze kwasebenza, wukukholwa kwakho okukwenzayo, futhi ngakho-ke, yilokho okubangela izinto zenzeke ezithamelini ngendlela okwenza ngayo.

34 Futhi ngalobobusuku sisesedilini, uMoya oNgcwele uqala ukuhamba phakathi kwezethameli futhi ukhuluma nabantu abehlukene, futhi ubatshele. Futhi ngaqaphela emva kwami kwakukhona owesifazane osekhulile emi ngaku*le*ndlela, njengokubheka esikrinini sethelevishini ukubukela kwenzeka, bese-ke usho lokho okubukayo, into efanayo nje, ngukuthi ubuka okuthize. Njengoba wawulele wase ukuphupha, kuphela awulele, uyakubuka nje. Kungelinye izinga, futhi ubuyela emuva le phansi, obekukhona, naphandle le, okuzoba yikho. Lowo nguNkulunkulu enza lokho.

35 Ngase-ke ngiqaphela ngemva kwami, futhi kwakubukeka sengathi kwakuqhamuka ngale ekhoneni, njengalapho inenekazi lihlezi *lapho*. Futhi ngabuka emuva ngaleyondlela, futhi kwakunguDadewethu uShakarian, futhi ngacabanga, "Akuyena lowo." Futhi ngabuka emuva, futhi nanti inenekazi lalimi lapha, futhi ngibone ungwengwezi lunyakaza phezu kweso lalo. Futhi ngabuka emuva futhi, futhi kwakungesikho. . .Ngangazi ukuthi kwakukudala kakhulu kuDadewethu uShakarian, kwakungekho kuthandwa nhlobo. Futhi ngacabanga, "Uma ngikhuluma naye khona-ke umbono uzofika, uma ekhulekela othile."

36 Futhi okwakuyikho, lochwepheshe wenhliziyo odumile ovela oGwini lwaseNtshonalanga lapha, ongudokotela kaMfowethu Shakarian, babenaye lapho emhlanganweni, uyiSeventh Day Adventist ngokwenkolo, ngokwehlelo. Futhi uNkk. Shakarian wayekhuleka kanzima ukuthi kuyokwenzeka okuthile, ukuthi udokotela uyokwazi ukukholiseka ukuthi kwakunguNkulunkulu. Futhi wayengudokotela kamama wakhe, owayethole lolungwengwezi lumboze iso lakhe.

37 Futhi nakho kuhlezi udokotela ehlezi ngalapho, noNkk. Shakarian ngapha e. . . lapho ayengemuva kwami, kwakungekho muntu ngemva kukaNkk. Shakarian, futhi wayehlezi lapho ekhuleka, "Nkosi, makwenzeke okuthize, manje ngenkathi ukubona okufihlakeleyo kusaqhubeka, lokho kuzokholisa lodokotela, ukuze emukele uMoya oNgcwele, uyindoda enhle kakhulu." Futhi ngakho yena . . .

38 Kwathi, "Nkk. Shakarian, ukhulekela umama wakho, futhi ungwengwezi lufika phezu kweso lakhe, futhi useba yimpumputhe." Kodwa kwathi, "Ngibona inkungu emhlophe isuka kumama wakho manje, isuka, 'ISHO KANJE INKOSI,' ungwengwezi luzosuka."

39 Futhi wabiza umama wakhe, wase emtshela ngosuku olulandelayo. Ezinsukwini ezimbalwa, lonke ichashaza longwengwezi lase lingasekho, umama wakhe wayesekahle futhi ephilile. Nodokotela owahlola owesifazane futhi wathola ungwengwezi emehlweni akhe, waphinde wahlola, futhi ungwengwezi lwalungasekho. Kwaba kanjalo, ku . . .

40 Ngakho kukhombisa ukuthi uNkulunkulu wethu usenguNkulunkulu. Ulungile . . . Futhi asijabule yini, kulobubusuku, ukwazi ukuthi sinoBaba waseZulwini ongasusa ungwengwezi, asuse izifo na? Futhi UnguNkulunkulu nje, yilokho kuphela. Ngakho sizokhuluma naYe emizuzwaneni embalwa ngaphambi kokuba sifunde iZwi laKhe, kungukuthi kade sikhuluma ngendlela esikhulume ngayo, bese-ke sikhuluma kulobubusuku.

41 Futhi manje, kusasa ntambama yinkonzo, ukuze bonke abazalwane bethu nabo bonke, wonke umuntu abuyele ebandleni labo. Manje, ekuseni . . . Kunamabandla amaningana lapha amelwe, lokhu, uxhaso lwami lwalomhlangano. Manje, lamadoda akholelwa kuloluhlobo lwenkonzo, noma abengeke angixhase futhi ehlezi lapha ngakimi. Futhi sonke isivakashi silapha, esingenalo ibandla labo uqobo lapha, ndawondawo abaya kulo, kungani ningamtholi omunye walaba bazalwane lapha, ngiqagele bashilo lapho abebevela khona, futhi uthamele izinkonzo zabo ekuseni? Ngiqinisekile ukuthi bazonisiza.

42 Futhi kuyisifiso sami esiqotho ukuthi—ukuthi ndawo ndawo phakathi kwalapha nakusasa ntambama, kuzoqubuka imvuselelo yefeshini endala phakathi kwalamabandla lapha azoba yinkazimulo nje nakulolusuku lokugcina. Sizama ukuhlwanyela imbewu, ukuthi lapho uMoya oNgcwele uwa, Uzowela entweni efanele, Uzoveza uhlobo olulungile lwesitshalo, njengoba sibheke i . . . lezizinsuku zokugcina.

43 Bese kuthi-ke kusasa ntambama izinkonzo zethu zokuvala lapha. Bese-ke siqala enhla e, ngicabanga ukuthi ibizwa ngeSanta Maria. (Ingabe yilokho . . .?) [Umfowethu uthi, "Santa Maria."—Umhl.] Santa Maria. Bese-ke sisuka lapho siye eGrass

Valley, bese-ke—bese-ke, kanjalonjalo, njalo, njalo enhla. Ngakho-ke, uma iNkosi ithanda, ngizoba phakathi . . .

44 Mfowethu Williams, ukhona na? Ube kade—ube kade . . . UMfowethu Williams, kakhulu . . . Ya, uMfowethu Williams uyazama . . . uthi ubenayo yonke iPhoenix ingikhulekela, ukuthi esikhundleni sokuwelela eTanganyika, naseKenya, nase-Uganda, nasezansi eNingizimu Afrika kuloJanuwari ozayo, uFebhuwari, uMashi, no-Aphreli, ubezokhulekela ukuthi sibe ngale ePhoenix. Futhi Mfowethu Carl, ngi—ngizovele ngihambe ngendlela Angihola ngayo, uyakwazi lokho, uyakwazi lokho. INkosi inibusise. Ngiyabonga kakhulu ngalobobuqotho.

45 Futhi ngethemba manje, kusasa ntambama, ukuthi wonke umuntu uyaphuma, futhi sinomhlangano omkhulu kakhulu kusasa kusihlwa. Ngizama ukushumayela kancane, uma iphimbo lami likwazi, futhi silindele isikhathi esikhulu kusasa.

46 Manje, ngingathanda ukufunda elinye—elinye leZwi eliyigugu lapha. Futhi ngifuna niphenye, uma nigcina ithebhu, njengoba sikubiza kanjalo eningizimu, endikimbeni esiyifundayo. Ngingathanda . . . Nginamanothi abhalwe phansi lapha, eminye imiBhalo. Ngithanda ukufundisa kancanyana nje, kulobubusuku, ngendaba etholakala kuMathewu oNgcwele, isahluko se 15, futhi asiqale ngevesi lama 21. UMathewu oNgcwele, isahluko se 15 futhi siqala ngevesi lama 21.

> *UJesu ephuma lapho, wamuka waya emaphandleni aseTire* la*seSidoni.*
>
> *Futhi, bheka, kwavela emikhawulweni yakhona owesifazane waseKhanani, wakhala kuye, wathi, Ngihawukele, O Nkosi, Ndodana kaDavide; Indodakazi yami ikhwelwe kabi yidemoni.*
>
> *Kepha akamphendulanga ngazwi. Base besondela kuye abafundi bakhe bamncenga, bathi, Mmukise; ngokuba uyakhala emva kwethu.*
>
> *Kodwa waphendula wathi, Angithunyelwanga kwabanye kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwa-Israyeli.*
>
> *Wasesiza wakhuleka kuye,* e*thi, Nkosi, ngisize.*
>
> *Kepha waphendula wathi, Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni.*
>
> *Yena wathi, Qiniso, Nkosi: kepha nezinja zidla . . . imvuthuluka ewa etafuleni labaninizo.*
>
> *Khona uJesu waphendula wathi kuye, O mame, kukhulu ukukholwa kwakho: makube* kuye *njengokufisa kwakho. Indodakazi yakhe yasinda kusukela kulesosikhathi.*

47 Ukuba bekuyobizwa ngendikimba, ngingathanda ukuthatha igama elilodwa endikimbeni, futhi lelo igama elithi *Ukuba Nesineke*. *Ukuba nesineke*, uWebster uthi, nguku "phikelela, ukuphikelela ekwenzeni umgomo; ukwenza okuthile." Ukuba nesineke ngukuphikelela, futhi ngaphambi kokuba uphikelele ufanele ube nomqondo walokho ophikelela ngakho.

48 Futhi amadoda kuyo yonke iminyaka ake azama ukuzuza ngempumelelo okuthile ibilokhu iphikelela. Indoda, ukuze iphikelele, ngingahle ngiphinde ngicaphune, ukwazi ukuthi ufunani. Futhi uma ungazi, awuqinisekile ngokuma kwakho, kodwa lapho usuqondisisa okuyikho, okufunayo, futhi wenelisekile ukuthi uzokwenza, khona-ke ungaphikelela, uphikelele ngempela, ubambelele.

49 Ngithanda i—indlela yokusondela. Ngiyabathanda abantu abaphikelelayo lapho be. . .qonda. . .noma ngabe indoda i—inephutha, kodwa nokho ikholelwa ukuthi iqinisile. Kodwa manje, lapho ifika endaweni efakazelwe ukuthi inephutha, bese-ke ukuzama ukuphik-. . .angeke iphikelele ngaleyonkathi, ngoba isifakazelwe ukuthi inephutha, kodwa uma i—ineqiniso, futhi khona-ke izobambelela kukho.

50 Ngicabanga ngalobubusuku, ngomongameli wokuqala omkhulu walesisizwe esikhulu esimthakasela kakhulu kulobubusuku, le-United States of America enkulu, uGeorge Washington, indoda enkulu yokukholwa, indoda yomkhuleko, indoda ephikelelayo, enesineke kakhulu. Futhi wayazi ukuthi wayefunani, futhi ngobunye ubusuku wakhuleka cishe ubusuku bonke, lapho yena. . .kwakubonakala sengathi amathuba ayemelene naye. Futhi wakhuleka waze wathi umzimba wakhe wawucishe ubemanzi wonke ngenxa yokuguqa eqhweni, waze wathola impendulo evela kuNkulunkulu.

51 Futhi ngakusasa ekuseni, nengxenye yebutho lakhe bengenazo ngisho nezicathulo ezinyaweni zabo, lawo kwakungamasosha aseMelika engazifakile izicathulo, izinyawo zawo ziboshwe ngezidwangu, iDelaware yaba yiqhwa yonke emihosheni yeqhwa, waphikelela ukuthi wayengawela iDelaware, ngoba wayezwile kuNkulunkulu. Kungakhathaleki ukuthi ukuphikisa kwakuyini, wayezwile kuNkulunkulu. Nakuba izinhlamvu ezintathu zama-masketi zadlula ejazini lakhe, akukho okwamthinta. Ngani, wayephikelele ngoba wayazi ukuthi wayeqinisile, futhi ukuzuza ngempumelelo kwakhe ayekulindele kwakungenxa yento elungile!

52 Akunandaba ukuthi lawo madoda ayekusiphi isimo, izinyawo zawo zazibanda kangakanani, wayengaphikelela, ngoba wayazi ukuthi wayezama ukuzuza ngempumelelo okuthize ukusiza omunye umuntu. Futhi wayekhuleke waze wezwa kuNkulunkulu, futhi wawela iDelaware ngesikhathi sokuntanta kweqhwa.

53 Ngingase ngininakise imizuzu embalwa kwenye indoda engase iphikelele. Futhi noma ubani angakwazi, lapho wazi ukuthi ukhuluma ngani. Lapho umuntu engazi ukuthi bakhuluma ngani, khona-ke akazi ukuthi kufanele ahambe ngayiphi indlela. Kungalesosizathu ngicabanga ukuthi uma ubuKristu nesiphetho sakho saPhakade kuncike ekukholweni kwakho kuNkulunkulu, kungcono wazi ukuthi uqinisile noma qha.

54 UNowa, umlingiswa omkhulu, ngithanda ukukhuluma ngaye imizuzwana embalwa. Waphuma ohlwini lozalo lukaSeti. Uma uqaphela, uhlu lozalo lwa—lwabantwana bakaHamu babeyimisebenzi emikhulu yobuciko, babengososayense, amadoda amakhulu, izifundiswa, abaqambi, namadoda amakhulu eza ngoKayini. Kodwa ngakolunye uhlangothi kweza abantwana bakaSeti, babengabelusi bezimvu, abalimi, kodwa inkolo yangempela eyakhonza iNkosi futhi yakholwa yiYo.

55 Futhi ngolunye usuku ngenkathi uNowa, mhlawumbe engumlimi, phandle ensimini (Izwe lase likhohlakele njengoba linjalo namuhla, kwaze kwaba yilapho yonke inhloso yenhliziyo yomuntu yayiyimbi, futhi kwaze kwamdabukisa uNkulunkulu ukuthi Wake wamenza umuntu.), futhi uNkulunkulu wakhuluma nalomlimi othobekile futhi wamtshela ukuthi Wayezobhubhisa umhlaba ngamanzi. Manje, lalingakaze line.

56 Manje, umlayezo onje pho lowo owawungowonyaka wesayense! Futhi lapho. . .Bayasho manje ukuthi isayensi yethu namuhla ngeke iqhathaniswe nabo abangalolosuku. Bakha izivivane, besingeke sikwenze lokho namhlanje, asinawo amandla okuphakamisa lawomadwala phezulu lapho. Futhi babenakho. . .Babengagqumisa umzimba obukeka ungokwemvelo kuze kube namuhla, asinayo leyo mfihlo yokugqumisa abayenza ngalesosikhathi ukwenza izidumbu ezomisiwe. Ukufaka imibala, nezinto eziningi ababenazo ngalesosikhathi esingenazo manje. Futhi yeka unyaka wesayensi!

57 Ubungacabanga nje indoda yenyukela lapho, ithatha umndeni wayo futhi yakha umkhumbi, futhi isho ukuthi lizokuna amanzi avela ezulwini, lapho kwakungakaze kwehle iconsi lamanzi livela esibhakabhakeni? Ubungacabanga u—ukuhleka nokuklolodela okwafika kuleyondoda ngalolosuku? Ukuthi ososayense bebengaba kanjani. . .*Isayensi* yayizofika ithi, "Buka lapha, sinethuluzi esingadubula ngalo kuthi ngqu enyangeni nasezinkanyezini, futhi awekho amanzi phezulu lapho. Avelaphi na? Azoba kanjani lapho na? Ngibonise ukuthi akuphi." IZwi likaNkulunkulu alimelananga nenani labo lesayensi; kanjalo aLikwenzi nanamhlanje, kodwa siyaLikholwa noma kanjani.

58 NoNowa waphikelela, waba nesineke kakhulu. Sengiyababona bethatha odokotela bemletha phambi kodokotela bengqondo ukuthola ukuthi yini inkinga ngomqondo wekhehla. Kodwa kwakungesiwo umqondo wakhe, Kwakusenhliziyweni yakhe. Futhi wayeneZwi leNkosi, futhi wayazi ukuthi KakunguNkulunkulu.

59 Futhi ngiyamuzwa uNowa ethi, "Uma kungenamanzi phezulu lapho, futhi uNkulunkulu wathi lalizona amanzi phezulu lapho, uNkulunkulu uyakwazi ukubeka amanzi phezulu lapho." Indaba yakhe yabambelela iminyaka eyikhulu namashumi amabili, esakha emkhunjini, ephikelela kakhulu. Ngesikhathi sabaklolodayo akekho owamlalela, kepha wayehleka, ehlekisa ngaye nomaphi lapho eya khona, kodwa noma kunjalo waqhubeka wabambelela, ngoba wayazi ukuthi KwakuyiZwi leNkosi, wayeqinisekile ngakho.

60 Sengiyabona, ngenkathi imihlangano yakhe yasemgwaqeni iqala, ukuthi babehleka kanjani! O, babekholwa ngaleyonkathi, khumbulani, bekholwa kakhulu, wayenjalo noKayini, futhi wakha i-altare njengoba kwenza u-Abela. Yena . . . Uma—uma inkolo iyikho konke uNkulunkulu akufunayo, Wayenonya ukuba alahle uKayini, ngoba uKayini wenza zonke izenzo zenkolo u-Abela azenzayo, kodwa weza ngendlela engafanele. "Kukhona indlela ebonakala ilungile, kepha ukuphela kwayo yindlela yokufa."

61 Kodwa manje, ufanele uqiniseke ukuthi uqinisile, ngakho ngeke nje sikwazi ukugembula kulokhu. Asikho isidingo sokukwenza, uKristu ushiye i—iphethini licacile bha kuze kube thina . . . Wathi ngisho nesiwula akumele senze iphutha, uyazi ukuthi kulungile noma qha. Bese kuthi-ke, lapho uqinisekile ukuthi uqinisile, uqinisile ngokomBhalo, khona-ke ungama lapho ngoba . . . futhi uphikelele kakhulu ngakho.

62 Manje, uNowa nokushumayela kwakhe, ukuthi kufanele ukuthi kwaba kanjani omunye owathi, "Lelo khehla phezulu laphaya lisagqonqa esikebheni." Futhi babekholelwa ukuthi noma isiphi isikebhe sakudala sasiyosebenza lapho kufika imvula, kungakhathaleki ukuthi sasakhiwe uNkulunkulu noma qha.

63 Futhi yileyondlela abacabanga ngayo namhlanje, noma yiliphi ibandla elidala lizokwenza, noma yimuphi umbono wenkolo yakudala. Hamba ujoyine *leli*, awulithandi, futhi abathandi lapho, dlulela kwelilandelayo, elilandelayo, noma yiliphi lawo lizokwenza. Kodwa uNkulunkulu uneBandla elakhiwe elakhwe phezu kweDwala, uKristu Jesu, futhi "Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo," kwasho u-Eddie Perronet. Futhi lokho kunjalo.

64 "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi." Ibandla eliKatolika lathi kwakuphezu kukaPetru, wahlubuka emva

kwalokho. UmProtestani wathi kwakuphezu kukaJesu, ngiyahluka kuwe, Wathi, "Inyama negazi akukwembulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu." Khona-ke kwakuphezu kwedwala lesambulo somoya seZwi. Kulungile.

65 Into efanayo u-Abela ayenayo, ukuthi kwembulwa kanjani kuye, esikhundleni sokunikela ngesithelo njengoba kwenza uKayini, wanikela ngegazi, ngokuba kwembulwa kuye. IBandla likaNkulunkulu lonke lakhelwe phezu kwesambulo sikamoya sikaKristu, ukuthi UnguBani, ukuthi Uyini, nakho konke ngaYe.

66 Futhi manje, sithola ukuthi uNowa wahlala nendaba yakhe ngqo. Futhi sengiyambona uNkulunkulu, ngelinye ilanga, wenela ngokuhleka kwabo nokuklolodela uNowa. Niyazi, uNkulunkulu angavele ahambe, ame kakhulu, bese kuthi-ke ukubekezela kwaKhe kuphele. Ngakho Wenela ngakho, futhi Wayezokwenza okuthize ngakho, futhi Wathi kuNowa, "Khuphukela lapho, futhi uzobona izilwane zingena emkhunjini? Ungene ngqo emva kokuba sezingenile zonke izilwane, nomnyango uzovaleka emva kwakho."

67 Futhi ngalokho kusa izilwane ziqala ukungena kambili ngambili. Futhi sengiyabona bonke abaklolodayo bemi bezungezile bethi, "Manje, khuphukela lapho futhi uhlale nezilwane zakho ezinukayo. Ngena lapho futhi uvale umnyango nakho konke ukunuka, nokunye nokunye, nalezozilwane."

68 Yileyo ndlela abazama ukukusho ngayo futhi namuhla. Kodwa umuntu o . . . uyazi ukuthi uMkhumbi uyini, akunandaba ukuthi kugconwa kangakanani ngaWo, ukuthi Ulahlwa kangakanani noma konke ngakho, indoda iyazi ukuthi iholwa nguNkulunkulu. Kulungile. UNowa wamasha wangena emkhunjini, futhi isandla sikaNkulunkulu esikhulu, esinamandla savala umnyango ngemva kwakhe.

69 Manje, sengiyakubona lokho, bona bekubona lokho, kwakukhona abanye abantu okungenzeka ukuthi bathi ukuba ikholwa elithiyeka emngceleni, lathi, "Uyazi ukuthini? Lelo khehla belingaba neqiniso." Uhlobo oluzilazila emhlanganweni, niyazi, futhi luza kuyo yonke imihlangano (Futhi lathi, "Ikhehla . . . "), kodwa lingathandi neze ukungena, lingathandi neze ukuKwemukela.

70 Khona-ke, njengoba amaHeberu 6 asho, futhi njengakumakholwa athiyeka emngceleni eTestamente eLidala, lihlale libhekile, futhi liqalaza, futhi lingalokothi neze lize likwazi ukufinyelela olwazini lweqiniso, nakhu kuza lababantu, futhi bema nxazonke, "Awu, uma liqala ukunisa amanzi ephuma lapho, sizokhuphuka futhi singqongqoze emnyango, futhi njengekhehla elinenhliziyo enhle, uzovula umnyango asingenise. Ngakho-ke sizonamathela ngakuwo futhi sithole ukuthi imvula iyafika yini."

71 Sengiyambona uNowa ekhuphuka esitezi sokuqala, wakhuphuka, isitezi sesibili, futhi wakhuphukela esitezi sesithathu, wakhuphuka ngonyaka wamaLuthela, emuva onyakeni kaWesley, futhi waya lapho umnyango wawuvuliwe khona esicongweni, lapho okwakunokukhanya khona, wangena embhaphathizweni kaMoya oNgcwele ekamelweni eliphezulu, phezulu kakhulu lapho ukukhanya kwehla khona. Futhi kusobala, kunokukhanya okwengeziwe esitezi sesibili kunalokho obekungaba khona e—esitezi sokuqala. Futhi yileyondlela okufika ngayo, njalo.

72 Manje, siyathola phezulu lapho, sengiyacabanga uNowa wayebuthele umndeni wakhe wayesethi, "Manje, lapho sekuntwela ezansi ekuseni kuyoba khona ubumnyama esibhakabhakeni sonke, futhi kuyoba nemvula enkulu enayo, futhi abantu bayokwazi ngalesosikhathi ukuthi ngiprofethe iqiniso."

73 Kodwa niyazi, ngemva kokuba usulandele yonke imiyalelo. . .Manje, nakhu lapho engifuna nibheke khona: Ngemva kokuba usulandele yonke imiyalelo, khona-ke uma kwenzeka okuthile okungaphumi kahle, abaningi baphonsa ithawula, lokho kukhombisa ukuthi babengakukholwa lokho ababezisho ukuthi babekusho. UNkulunkulu uyabavivinya abantwana baKhe.

74 Manje, lalela umlayezo. UNowa, ngosuku lweshumi nesikhombisa kuFebhuwari, ngokweZwi likaNkulunkulu, wangena kulowo mkhumbi, kwathi ngakusasa bonke babengapho belindele ukubona imvula iqala ukuna, kodwa ilanga liphuma ncamashi njengoba lalihlala lenza. "Ngemva kwamahora athi awabe mabili ngaphezulu nje, futhi izoqala, imvula izoqala."

75 Kwadlula usuku, futhi ngiyayicabanga inhliziyo kaNowa iqala ukubhakuza. Ngingasho okuthize khona lapha, kodwa kungcono ngingakusho. Kodwa qaphelani, wayengenakuphuma ukuba wayefuna, wayevalelwe ngci ngaphakathi. "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu." UNkulunkulu wavala umnyango ngci ngemva kwakhe.

76 NoNowa wahlala lapho, futhi ubusuku bedlula, nezinsuku. Ababebukela babeqhamuka bathi, "Awu, i. . .O, impela, labososayense babeqinisile, lelokhehla lalingazi ukuthi lalikhuluma ngani, alini. Futhi lapho umfo omdala ephakathi lapho evalelwe kulesosikebhe esikhulu esidala."

77 O, into enkulu kangaka ukuvalelwa kanye noKristu! Lokho i—isifundo sangempela. Nomnyango wawuvaliwe ngci ngemva kwakhe, akakwazanga ukuwuvula, yisandla sikaNkulunkulu kuphela esasingawuvula. Manje, nosuku lwesibili lwadlula,

nosuku lwesithathu, olwesine, olwesihlanu, olwesithupha, kwaze kwadlula iviki eliphelele. UNowa wahlala wajuluka wamanzi te.

78 Khona-ke, yisiphi isifundo esisitholayo kulokho na? Uma uNkulunkulu. . .Kuthiwani ukube uNkk. Shakarian ubeshilo. . .? Lapho uMoya oNgcwele esekhulumile, "ISHO KANJE INKOSI, kukhona inkungu emhlophe ephuma kuye, ungwengwezi luzosuka," futhi aluzange lusuke cishe amaviki amabili noma amathathu, kodwa wayelokhu ehlezi lapho ethi, "Kufanele kube njalo. Kufanele kube njalo." UNkulunkulu uyakuvumela ukuba ujuluke ube manzi te ngezinye izikhathi, kodwa ufanele uphikelele, ube nesineke, akunandaba ukuthi uzizwa kanjani, ukuthi ucabangani, noma lutho ngakho, vele ubambelele. Uma ukukholwa ngempela, uzobambelela, uhlale nezinkolelo zakho ngqo. UNkulunkulu wakuthembisa, futhi wakuzwa kugxilisa okwehange enhliziyweni yakho, hlala lapho.

79 Kwase kuthi-ke ngosuku lokugcina lweviki, uNowa wavuka ngalokho kusa, ngicabanga ukuthi amafu ayelenga yonke indawo. Balunguza ngefasitela eliphezulu. Manje, lalingekho ohlangothini lomkhumbi, uNkulunkulu akafuni abheke phansi nga*le*ndlela, umfuna abuke phezulu nga*leyo*ndlela, ngakho laliphezu komkhumbi. Futhi lapho eqala ukubuka, amafu ayelenga phezu, umbani wawubhonga, futhi abantu baqala ukugijima bekhuphukela ngasemkhunjini. Imigwaqo iqala ukugcwala amathonsi amakhulu amanzi, izitamkoko zagcwala zonke. Ngani, babecabanga ukuthi babengasimpompa, uma kufika ukuchichima okuthile. Kodwa niyabo, bakhipha izikebhe ezithile, kodwa uma sasingakhiwe nguNkulunkulu, sacwila; akuntantanga lutho ngaphandle komkhumbi.

80 Futhi niyazi ukuthi umkhumbi wenziwa ngokhuni lomtholo. Futhi uma uke wazi ukuthi lokho kwakuyini, lulula kunebhalisamu. Akuyilutho. . .kufana nje nesipontshi, kulula kakhulu ukuthi ungacosha ugodo lwalo olukhulu futhi ulubambe ngesandla esisodwa. Futhi bekungeke yini kubonakale kuyinqaba ukuthi uNkulunkulu ubengakha umkhumbi waKhe ngento enjalo na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . .uthele kulokhu ukuze ugcwalise izimbotshana, bese-ke lube lukhuni kunensimbi.

81 Futhi yileyondlela okufanele senze ngayo, ukuthulula zonke izivumokholo, yonke into ekithi, nawo wonke umbhedo, nayo yonke inkolo yokungamesabi uNkulunkulu, ukuze uMoya oNgcwele asigcwalise, futhi avale ngci zonke izimbotshana zokukholwa kwethu, zonke izimbotshana zomqondo wethu, uze ungaqapheli noma umakhelwane wakho, noma—noma ubani ohlezi eduze kwakho, ubekwe uphawu eMbusweni kaNkulunkulu, khona-ke ungakwazi ukumela ukushaywa ngamagagasi lapho udlula ekuhlushweni.

82 Khona-ke amanzi aqala ukukhuphuka egqumeni, futhi abantu baqala ukuklabalasa futhi bangqongqoze emnyango. Kodwa uNowa akakwazanga ngisho nokubezwa, wayehlezi phezulu le esiqongweni sesakhiwo. Futhi babhubha, konke okwakuphefumula umphefumulo womoya emhlabeni kwabhubha ngawo. . .Futhi yona kanye into eyabulala izwe elingakholwa yamsindisa uNowa.

83 Lokho kuyafana njengoba kunjalo namhlanje. ISikhubekiso, uMoya oNgcwele, owenza umhlaba lapho abangaWufuni khona, iNto abayinqabayo iyona kanye iNto ezokhuphula iBandla. UMoya oNgcwele uzoyisa iBandla oHlwithweni.

84 UNowa waphikelela ngoba wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekhulume naye. Akunandaba ukuthi kwathatha isikhathi eside kangakanani, noma iminyaka emingaki, kumbe noma kwakuyini, wabambelela ngoba wayazi ukuthi kwakuluhlelo lukaNkulunkulu.

85 UMose, umprofethi obalekayo, nawo wonke umqondo wokubuhlakani noma ubani angaba nawo, wayehlakaniphe kakhulu waze wakwazi ukufundisa abaseGibhithe. Futhi wazama ukweqa uhlelo lukaNkulunkulu ngomqondo wakhe wobuhlakani, futhi akusebenzanga.

86 Futhi ngeke kusebenze namuhla. Kunjalo. Siya kukho ngendlela engafanele, ibandla lonke. Sizama ukuhlela uhlobo oluthile lohlelo.

87 Uyezwa ukuthi i—imvuselelo iyaphola, yehle yaba yintuthu nje. Yini indaba na? Kungenxa yokuthi sifake uhlelo lwethu—lwethu olwenziwe ngumuntu kulo. Konke abakhathazeke ngakho namuhla ngukuthi, kubonakala sengathi, ukujoyina ibandla, ukungenisa amalungu amasha, ukwakha isakhiwo esithile esikhulu, ukusekela uhlelo oluthile lomsakazo, noma into enjalo.

88 Silahlekelwe yileyo ntshisekelo, empeleni, yemiphefumulo, lowo mphefumulo uzwa ubuhlungu umKristu obekufanele abe nabo, sibonakala silahlekelwa yikho. Angikhulumi ngamaKristu angempela, ngikhuluma ngabaningi kakhulu abazisho ukuthi bangamaKristu.

89 Manje, konke okuzwayo namuhla yinto ethile enkulu, nabantu abangena ezindlekweni zezigidi kanye. . .zamadola ngezinto ezinkulu. Bese-ke beshumayela ukuthi iNkosi iyeza kulesi sizukulwane na? Ngani, i—isoni emgwaqeni siyazi ukuthi awukukholwa, noma, izenzo zakho—zakho—zakho zikhuluma kakhulu kunamazwi akho lapho—lapho wenza lokho. Impela.

90 Besifanele ukuba sezindlini ngezindlu, ezindaweni ngezindawo, sishumayela, futhi sikhala, futhi sinxiba, futhi sinxusa, sizama ukuthola yonke imiphefumulo eMbusweni kaNkulunkulu esingayithola, sithumela izithunywa zenkolo

empumalanga, entshonalanga, enyakatho, naseningizimu, nakho konke esingakwenza ukuze sithole abantu besindisiwe.

91 Manje, sithola namuhla ukuthi kuningi kakhulu ezinqumweni. Uzwa lokho ngaso sonke isikhathi, "ukwenza izinqumo." Ngifuna . . . Izinqumo ziyizivumo, izivumo zingamatshe. Kusiza ngani uku—ukunqwabelanisa inqwaba yamatshe, uma ungenaye umsiki wamatshe lapho ongawabumba angene, ngeNkemba kaNkulunkulu ebukhali esika nhlangothi zombili, babe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu? Ubadedele bagijime lapha nazo zonke izinhlobo zabesifazane, begqoke njengesoseji elihlutshuliwe, futhi bezibiza ngamaKristu, namadoda ebavumela bakwenze, bese-ke bezibiza ngezinceku zikaKristu, nebandla elisesimweni esisivivi eligcina umthetho ngegama elikukho, "isimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika," nezinqumo zokubiza?

92 Sidinga amatshe asikwe amadodana namadodakazi kaNkulunkulu nge . . . Kusizani ukugingqa amatshe uma ungezukuwasika na? Afanele asikwe futhi angene khaxa ohlelweni lukaNkulunkulu ngeziphiwo nobizo, futhi zibekwe eBandleni njengoba kufanele, kufanele kube njalo.

93 UNowa . . . UMose emcabangweni wakhe wobuhlakani wehluleka njengoba nje ibandla lonke lenzile namuhla. Abantu baqhubeka ngqo nokuphila, bayangena, benze isivumo, bafake igama labo e . . . "Yincwadi, yincwadi. Letha incwadi yakho usuka *lapha* uye *lapho*." Akuyona incwadi, ukuzalwa. Zalwa ngokusha, futhi khona-ke usingowaphezulu *Lapho*.

94 Qaphelani, kodwa uNowa, ephikelela njengoba wayenjalo . . . Wayemzwile uNkulunkulu. Futhi ngolunye usuku lo mprofethi obalekayo, emuva ngemuva kogwadule, ngempela uza phezu kwalezozihlabathi ezingcwele, ukuya lapho wonke umfundisi abefanele eze khona. Akunandaba ukuthi zingaki iziqu zobudokotela anazo, uprofesa wasekolishi, kumbe noma angaba yini, akanamsebenzi ngemuva kwepulpiti aze aqale abanjwe phezu kwalezo zihlabathi ezingcwele phakathi kwakhe noNkulunkulu yedwa, ukuthi usenesehlakalo noNkulunkulu okungekho sosayense emhlabeni ongake akugqonqe akususe kuye.

95 Bangathatha leloZwi futhi baLinqume noma ngayiphi indlela abafuna ngayo. Udeveli usebenzisa iZwi, wakufakazisa, usebenzisa iZwi ukusika uhlelo lwakhe uqobo alukhiphe. Kodwa lapho umuntu eke wabuyela lapho kulezozihlabathi ezingcwele, lapho kungekho lutho ngaphandle kwakho noNkulunkulu wedwa ongama, bonke ososayensi emhlabeni abakwazanga ukukususa kuwe, ngoba wawulapho, futhi wahlangana noNkulunkulu, futhi uyazi ukuthi kwenzekani. Akukho muntu . . .

96 UJesu akazange abavumele bashumayele baze bakhuphukele eJerusalema futhi ba. . . bamukele uMoya oNgcwele ngaphambi kokuba bashumayele futhi, leso yisehlakalo.

97 Ngenkathi uMose ethola lesosehlakalo salesosihlahla esivuthayo, ukuphikelela na? Ngani, iphutha elilodwa elincane, futhi wagijima waphuma eGibhithe. Futhi qaphelani, waphuma entandweni kaNkulunkulu wehlela lapho futhi wabulala indoda eyodwa, futhi kwabalelwa yena, kwase kuthi-ke uNkulunkulu wehla naye futhi wabulala sonke isizwe, futhi kwakuludumo. Kwakuwumehluko lowo.

98 Manje, uMose. . . Kwesinye isikhathi lapho uhlangana noNkulunkulu kukwenza wenze ngokuxakile, uyakwenza ngempela. Manje, uMose wake, lapho ephuma ukuyokhulula abantwana, wayeyiqhawe elincane futhi enamandla, kodwa siyathola lapho eseba cishe neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, amadevu akhe elengela le phansi, futhi mhlasimbe ikhanda lakhe elinempandla labhamuka cishe, elangeni, futhi ngenkathi yena, ngakusasa ekuseni, emva kokuba esehlangene noNkulunkulu kulesi sihlahla esivuthayo, simthola enoZipora ehlezi egxamalazele umnyuzi, nomncinyane wakhe enqulwini yakhe, ehola lembongolo ephethe induku egwegwile, amadevu ephephezela, amehlo akhe ethe njo, ehleka nje futhi edumisa uNkulunkulu.

Omunye wathi, "Uyaphi, Mose?"

"Ngehlela eGibhithe ukuyolidla."

99 Kwakuyini na? Ukuhlasela komuntu oyedwa. Kodwa ini? Wayephikelela ngoba wayehlangane noNkulunkulu, futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wathi, "Impela Ngizoba nawe." Futhi wakwenza, walidla. Ini? Wayengaphikelela ngoba uNkulunkulu wathi, "Ngizoba nawe." Kwenza noma yimuphi umehluko ukuthi isithiyo. . .

100 Lapho efika lapho, into yokuqala ahlangana nayo kwakungumuntu othile owayengazama ukulingisa umsebenzi ayewenzela uNkulunkulu, into efanayo. Yilokho ohlala njalo, wena. . . njengoba ngishilo, ngobunye ubusuku lapha, noma omunye umhlangano, uhlala uhlangana nezigaba ezintathu, lowo ngamakholwa, abazenzisi, nabangakholwayo, futhi ngakho, ubathola yonke indawo.

101 Ngakho-ke nakhu kufika laba benzi bemilingo ukuze bazame ukulingisa ngokubona kwabo okuphakeme, futhi baphonsa phansi lezizinyoka ukuzama uku, noma, izinduku ukuzenza izinyoka. UMose wayenze konke ayengakwenza, yilokho uNkulunkulu amyala ukuba akwenze, ngakho wavele wama wanganyakaza nje. Haleluya! Lapho usukwenzile konke ongakwenza, khona-ke kukuNkulunkulu ukuthi enze okunye. Khona-ke inyoka kaMose yafika futhi yadla ezabo.

Manje, nina enikholelwa ekuboneni okungaphezu kwamandla, kwenzekani kulezozinduku na? Amen. Yilokho-ke. Wayephikelele.

102 UDavide omdadlana ngolunye usuku, omncane kunabo bonke nongabalulekile kakhulu emi lapho (uSawulu, ujenene, ikhanda namahlombe kungaphezu kwalo lonke ibutho lakhe, umfo omkhulukazi.) waphonsela uGoliyati inselele, noma, wabhekana nenselele yakhe, njalo. Awu, manje, uDavide, umfo omncane obomvana, omncane, onamahlombe aqhothile, egqoke i—ivesti encane yesikhumba semvu lapha, wayenendwayimane, kodwa waphikelela ngokuthi angalwa naleso siqhwaga. Yini eyenza isibindi kulowomfo omncane na? WayeneNto ethize kuye.

103 Ngangehla e, ngikholwa ukuthi kwakuyiGeorgia, ndawondawo ezansi lapho, ngangino, noRufus Mosely kanye nabo, abaningi benu babemazi, futhi ngangino—umhlangano ezansi lapho enkundleni yebhola lezinyawo, futhi ngabona uphawu oluncane olwaluhlala lungikhuthaza, lwaluthi, "Akubona ubukhulu benja ekulweni, kodwa ubukhulu bokulwa enjeni." Ngakho kukanjalo-ke. Awudingi ukuba nePh.D., L.L., odabuli L.D., Q.S.T., noma ngabe kuyini, okuwukuphela kwento ofanele ube nayo yisibindi esihle esidala somKristu, ngokuqonda ukuthi uNkulunkulu ukuthumile.

104 Njengoba bengisho kulokhu ukusa ngo-Hudson Taylor, ngenkathi indoda imtshela, umfana omncane ongumShayina wathi, "Mnu. Taylor, ngisanda kwemukela uKristu. Kuyavutha enhliziyweni yami. Manje, kuzodingeka ngibe neminyaka emine ukuze ngithole iB.A. yami—yami, neziqu zami zobudokotela, nokunye nokunye."

UMnu. Taylor wathi, "Ungalindi kuze kube yilapho ikhandlela selishe ingxenye ngaphambi kokuthi uzame ukukhombisa ukukhanya kwakho," wathi, "hamba ukwenze manje."

105 Ngacabanga, "Amen. Kunjalo." Ungalindi ngaku*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Izikole ezinkulu kakhulu zesayense yezenkolo, zilungile, zazikhona kudala. Kodwa, mfowethu, esikudingayo namuhla akusona isikole sesayense yezenkolo, sidinga amakhandlela okheliwe.

106 Lalela, uma ungazi lutho ngakho, hamba ubatshele ukuthi lokhelwe kanjani, bayeke bokhele kulelo, futhi omunye okhele ukukhanya okuncane kulelo, sizoba nokunye ukubuya kwePhentekoste. Kulungile. Ngokushesha nje lapho selokheliwe, uma kuyilokho kuphela okwaziyo ngakho, hamba utshele omunye umuntu ukuthi lokhelwe kanjani. Ngezinye izikhathi lawa mathuna, noma, amakolishi athatha konke, ngiyaxolisa, akukhipha konke ukuKhanya kuwe. Kunjalo.

107 Manje, uyaphikelela, vele ubatshele ukuthi lokhelwa kanjani, uthi, "Ngangimi lapho, futhi khona manjalo uMoya

oNgcwele wehlela phezu kwami. Uma uzokwenza into efanayo, kuzokwenzeka kuwe." Khuluma okungako, uma kuyilokho kuphela okwaziyo, yisho nje lokho, kwanele lokho.

108 UDavide, wayazi ukuthi uNkulunkulu wayemsizile ngaleyo ndwayimane ukubulala i—ingonyama nebhere, futhi wasibona isimo. Futhi, iNkosi yayikhuluma enhliziyweni yakhe ukuthi Yayizomnika ukunqoba kulesosiqhwaga, ngakho wayephikelele. Umfowabo wathi, "Ngiyazi ukuthi ugangile. Buyela emuva laphaya futhi weluse lezozimvu." Kodwa uNkulunkulu wayenomyalo, futhi uDavide waphikelela waze wabulala uGoliyati.

109 USamsoni, engenalutho ngaphandle komhlathi womnyuzi . . . Futhi nake nafunda ukuthi zazinkulu kangakanani lezozikhali kulawomaFilisti na? Awu, leso sigqoko sokuzivikela esasihamba phezu kwekhanda labo, sehlele phezu kwezindlebe zabo, lapho zazikwazi ukunqamula inkemba ebanjwa ngezandla zombili, sasithi asibe iyintshi, noma iyintshi nengxenye yobukhulu bethusi, sehlele phezu kwamakhanda abo.

110 Futhi niyazi ukuthi umhlathi omdala, obolile womnyuzi ungaba yini. Ukukhotha kokuqala phezu kogebhezi lwekhanda, ngani, esinye salezo zigqoko zokuzivikela sasingawusakaza lowomhlathi omdala ube yizicucu wonke. Kodwa uDavide wayengawuzwa umhlane, futhi ezwe lawomagoda ayisikhombisa, yilokho kuphela okwakufanele akuzwe. NoMoya oNgcwele wehlela phezu kwakhe, futhi washaya phansi inkulungwane yalawomaFilisti ngalowomhlathi. Wayephikelele, ngoba wayazi ukuthi lawo magoda ayisikhombisa ayemele isivumelwano, noNkulunkulu wayenaye. Wayengaphikelela. Yebo, mnumzane.

111 UJohane umBhaphathizi, asinakho okuqoshiwe okuningi ngaye. Siyazi ukuthi uyise wayengumpristi, futhi babebadala, bobabili, Elizabethe no—noZakariya base bekhandleke impela ngokweminyaka. Kufanele ukuthi kwathi ukuba nzima e—emndenini, ngoba babazi ukuthi babengeke baphile ukuze babone indodana yabo iza enkonzweni yayo, kodwa babazi ukuthi isithembiso sasivela kuNkulunkulu. Bafa, siyatshelwa.

112 Esikhundleni sikaJohane ehamba, njengoba kwenza uyise, abuyele ekolishi elifanayo nesikole esifanayo, futhi ethola iPh.D., nokunye nokunye, futhi efunda, wayenomsebenzi afanele awenze, kungesikho ukwanga izingane, nokushadisa abasha, angcwabe abafileyo, kwadingeka abambe iNkemba ebanjwa ngezandla ezimbili futhi abe phezulu ekhaleni lempi, futhi wayengenakukwazi ukuthatha noma yisiphi isipiliyoni sasekolishi, wayengenakulinda konke lokho, afunde konke ukushova zonke izivumokholo. Uma kuyilokho abeyokufunda, yilokho kuphela abengakunika abantu.

113 Kodwa waphumela lapho ehlane futhi wahlala, ngoba wayezokwethula uMesiya, ngakho wahlala lapho uNkulunkulu waze wamtshela ukuthi lowoMesiya wayeyoba yini. Futhi uma uJohane wayefuna ukuba, e, wenza lokho, besifanele sifundisise kakhulu kangakanani futhi sibone lokho uMoya oNgcwele afanele akwenze ngalolusuku lapho Ufika! Uzosebenza kanjani na? Uzoba yini?

114 Namuhla, lapho sixabene nazo zonke izinhlobo zezimfundiso ezingenakuphikiswa, nezimfundiso, nemijovo, noketshezi lokugqumisa, nakho konke okunye, bese-ke senza lokho bese-ke singafundisisi, uvele ukuthathe ngokucabangela. *Ukucabangela* "ukulinga ngale kwegunya langempela." Ungamcabangeli uNkulunkulu, thatha iZwi laKhe ngakho futhi uqhubeke. UNkulunkulu unohlelo olwendlalwe lapha, Wasibikezela ngabaprofethi baKhe okuyokwenzeka ngalolusuku.

115 UJohane wahlala phandle lapho uNkulunkulu waze wamtshela, "Manje . . ." Manje, kusobala, ngenkathi esephumile futhi wathi, "Ngingumanduleli, nginguye okwakhulunywa ngaye ngomprofethi, u-Isaya, ngiyizwi lomemeza ehlane," futhi manje, akungabazeki ngaphandle kokuthi i . . . elinye igosa lesifunda, noma uKayafase othile, noma umbhishobhi, noma omunye odlulayo, athi, "Uyazi, umBhishobhi Jones ngapha, bengihlezi ngicabanga ukuthi Uyoba nguMesiya. Ngakho uyazi, ngiqinisekile nje . . ."

116 Lelo yiphutha elifanayo iBandla elalenza ngezihluthulelo zaLo ezintsha. UJesu wanika uPetru izihluthulelo zeBandla, wayenezihluthulelo. Kodwa benzani lapho beqala ukusisebenzisa na? Bakhetha uMathiya ukuba athathe indawo kaJuda, futhi akuzange kusebenze, akunalutho neze olwashiwo ngaye. Kodwa uNkulunkulu wakhetha umJuda omncane, onolaka, ikhala eligwegwile, onolaka, futhi Wathi, "Ngizombuyisela futhi, futhi ngibonise ukuthi yiziphi izinto azohlupheka ngazo ngenxa yaMi."

117 NguNkulunkulu okufanele enze izinto, hhayi umuntu. Ngakho sithola ukuthi uJohane wayengenakukwazi ukwehla ayothola umjovo othile wesayense yezenkolo. Ngakho into ayenzayo kwaba ukulinda lapho, futhi uNkulunkulu wamtshela, "Uma uphumela lapho manje, uzoba na*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, kodwa ungakunaki, lowoMesiya uyoba nesibonakaliso sikaMesiya, futhi uzosibona. Kuzoba uMoya we . . . uzokwehla eZulwini njengejuba, futhi Uzokwehlela phezu kwaKhe, futhi lowo nguMesiya."

118 Futhi uJohane wayephikelela kakhulu ukuthi Wayezofika esizukulwaneni sakhe, akazange akhe izikole ezinkulu, akakaze abe namakholiji amakhulu futhi wamemela abantu kubo. Wenzani na? Wayeqinisekile kakhulu, waze wathi, "Kukhona

Omi phakathi kwenu manje," amen, "aniMazi, kodwa NguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele. Ngiyazi Ulapha."

119 Haleluya! Singasho kanjani into efanayo kulobubusuku! Ngezibonakaliso zikaMoya oNgcwele, siyazi ukuthi lowoMoya oNgcwele ofanayo owehla ngoSuku lwePhentekoste ulapha, iNto efanayo. Into efanayo uNkulunkulu athi Liyoyenza ngalezizinsuku zokugcina.

Uxolo ngokungahlali emuva lapha, kodwa uma uzizwe sengathi ngenzile, nawe ubungahamba.

120 Ngakho, bona . . . UJohane wayeqinisekile, futhi wayazi ukuthi lesosibonakaliso sikaMesiya sasiyoba yini, ngakho u— wayephikelele ngempela ukuthi uzoMazi. Ngelinye ilanga Weza ehamba ehla phakathi kwabo, wathi, "Bheka, iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe." Wathi, "Owangitshela, ehlane ukuba ngibhaphathize ngamanzi, wathi, 'Ozakubona kuye uMoya ehla, futhi ahlale phezu kwakhe, NguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.'"

121 Manje, izindlela ezinde zokufika endabeni yami. Kodwa lona wesifazane omncane esifunda ngaye, wayengumGreki, kodwa wayezwile ngoJesu. Futhi ukukholwa kuvela ngani na? Ukuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu. Manje, wayengumGreki, wesinye isizwe. Manje, kodwa niyazi, nakuba ayengekho enkolweni yalokho, wayengowohlanga oluhlukile lwabantu, nokho, uyazi, ukukholwa kuthola uMthombo abanye abangawuboni. Ukukholwa kuthola uMthombo abanye abangawuboni, futhi ukukholwa kwakhe kwakuwutholile lowoMthombo. Manje, wayazi ukuthi, ngokuzwa, ukuba wayefike lapho, kwakuzokwenzekani.

122 "IZwi likaNkulunkulu," ngokwamaHeberu, isahluko se 4 nevesi le 12, "libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili." Siyakwazi lokho, futhi ukukholwa yikho okubambe leyonkemba. Akukho okunye okungabamba inkemba yeBhayibheli ngaphandle kokukholwa kuNkulunkulu, okuyibambile. Manje, ungahle ube buthakathaka ngengalo yakho yokukholwa, mhlawumbe ungavele unqume ukulungisiswa, mhlawumbe ungavele unqume ngokwanele ukuba ujoyine ibandla. Kodwa enhle, ingalo eqinile yokukholwa inganqamula embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, inganqamula ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, inganqamula eziphiweni, izimangaliso, izibonakaliso, izimanga, inganquma zonke izithembiso zikaNkulunkulu ezibhakabhakeni futhi ikubize kungokwayo, ngoba ibambe iZwi likaNkulunkulu.

123 Wayenezithiyo eziningi, uma kwenzeka uke ucabange ngakho, kodwa ukukholwa kwakhe kwakungenazo. Yilokho kuphela. Uma ukukholwa kwakho kungenazo izithiyo, kwehlukile. Wayenazo, kodwa ukukholwa kwakhe

kwakungenazo izithiyo. Ukukholwa akwazi sithiyo, ukukholwa kwazi into eyodwa kuphela, umgomo wakho, yilokho kuphela.

124 Kungenzeka othile wathi kuye, "Manje, ake ume kancane, ungumGreki, awunamsebenzi." "UyiMethodisti, ubungafanele uye kulawomaPentecostal." "UyiBaptisti, awufanele uye lapho. Niyabo?" Kodwa lokho akuzange kumvimbe, wayephikelele. Wayenesineke kakhulu.

125 Futhi kwakungahle kube nelinye iqembu elenyukela kuye lathi, "Manje, ake ume kancane lapha, sithandwa. Uyazi ukuthini? Izinsuku zezimangaliso selwedlule." Kodwa lokho akuzange kummise. Ngani? Ukukholwa kwase kubambile, futhi wayesaphikelela, wayehamba noma kanjani.

126 Futhi khona-ke kukhona elinye iqembu. Abanye besifazane bebandla lakhe kungenzeka ukuthi beza, bathi, "S'thandwa, uyazi ukuthini? Uma uya *ngaleya*, umyeni wakho uyidikoni *ngapha*, uzokushiya, yilokho kuphela. Kuzoba khona isehlukaniso emndenini wakho."

127 Kodwa ukukholwa kwakubambe iNto ethile, iZwi likaNkulunkulu, futhi wahamba noma kanjani. Wayenesineke, wayengeke athathe u "Qha" kube yimpendulo, ukukholwa kwakubambe iNto ethile. Ngifisa sengathi bekungakwenza lokho kulobubusuku, wonke umuntu lapha, ukukholwa kubambile. Akwazi lutho ngaphandle kweqiniso, yilokho kuphela.

128 Manje, awu, kwakungahle kube nelinye iqembu elakhuphuka, lathi, "Uzohlekwa, uzobizwa ngo 'mgingqiki ongcwele.' Uma uke wawelela lapho uyophawulwa ngokuthi ungomunye wabo." Kodwa uyazi ukuthini? Wayesalokhu ephikelela, wayehamba, kungakhathaleki ukuthi wayebizwa ngokuthini, ukukholwa kwase kubambile.

129 Manje, lapho, lapha kungenzeka ukuthi kwenyukela kuye isigejane sabashumayeli bokukholwa kwakhe uqobo, futhi bathi, "Uyazi," noma—noma, ukukholwa abantu bakhe ababengabakho, futhi bebeyothi, "uyazi ukuthini? Uma uhamba, uzokhishwa esontweni lakho." Kodwa noma kunjalo wayesaphikelela. Wayezofika lapho noma kanjani, kungakhathaleki ukuthi noma ubani wathini, wayefuna ukufika lapho.

130 Ekugcineni wafika. NjengoNowa, wafika. Kodwa lapho efika kuJesu, wacabanga ukuthi kwase kuphelile konke ngalesosikhathi. Futhi izikhathi eziningi abantu bacabanga ngoba uNkulunkulu uyakubusisa, ukunikeza umhlangano omuhle, noma ukunikeza ukushukunyiswa okukhulu kokukholwa ngokushesha nje, iNkosi ikhulume kuwe, futhi ikubize uphume emhlanganweni, ucabanga ukuthi, "O, yilokho nje." Kodwa khumbula, kukhona ukudumazeka lapho futhi,

UNkulunkulu uvivinya wonke umntwana oza kuYe, yonke indodana.

131 Ngakho lapho efika kuJesu, wacabanga ukuthi konke sekuphelile, niyazi, lapho efika kuJesu, kodwa Waphenduka masinyane, ngokudumala okukhulu, wayesethi, "Angithunyelwanga ohlangeni lwakho." Manje, emva kokuba edingeke ukuthi adlule kuzo zonke lezizivimbi, futhi wayesebathiyile yilowo nalowo ngokukholwa kwakhe, futhi wafika kuloJesu waseNazaretha, futhi kwathi engafika lapho nje ekhala emva kwaKhe, Wamshaya indiva, wahamba, kwase kuthi-ke ekugcineni Waphenduka ngokukhuza wathi, "Angithunyelwanga ohlangeni lwakho. Ngithunyelwe nje ezimvini ezilahlekile zendlu ka-Israyeli."

132 Yeka ukukhuza okunje! Ukuba lowo bekungaba abanye babantu bakithi bePentecostal, bebeyothi, "Awu, uma kuyindlela Azizwa ngayo ngakho!" Futhi khona-ke, ngaphandle kwalokho, wathi . . . waqonda . . . Futhi Wathi, enye into, Wathi uhlanga lwakubo lwaluyisigejane sezinja. O, he, sona impela isibindi! Ngabe lokho bekungeke kulinyakazise iPentecostal na?

133 "Makabongwe uNkulunkulu, ngizoya kwi-Assemblies manje, noma ngale eChurch of God, noma iFoursquare. Uma ungakwenzi . . . Ngizoshiya sonke isigejane futhi ngiye kumaBaptisti. Uma bengeke babe nami, ngizoya kwiPresbyterian. Ekugcineni ngizogcina ngingumKatolika, ngiyacabanga." Niyabo? "O, impela, ngeke bangibize ngento enjalo, bathi ngiyinja. Qhabo."

134 Yebo, wambiza ngenja, wathi, "Angithunyelwanga ohlangeni lwabantu bakho, Ngithunyelwa kumaJuda kuphela. Angithunyelwanga kini, futhi ngaphandle kwalokho, abantu bakini bayisigejane sezinja nje." Mm! Kodwa noma kunjalo wabambelela. O, he! Ngiyakuthanda lokho. Manje, ngizizwa ngikholwa. Amen.

135 Ngiyakuthanda lokho. Kungakhathaleki ukuthi isithiyo sasiyini, wayesabambelele kulokho kukholwa. Kungalesosikhathi lapho wawukubambile, mfowethu. Amen. Konke, yonke into emhlabeni ayikwazanga ukukunyakazisa usuke kukho ngalesosikhathi. Kunjalo.

136 Wabambelela, kungenandaba ukuthi noma ubani wathini, wakubamba, ngisho noJesu uqobo lwaKhe wathi, "Angithunyelwanga ohlangeni lwakho, futhi niyisigejane sezinja. Futhi ngeke Ngithathe isinkwa sabantwana ngisiphonse kini zinja." O, he! Kodwa noma kunjalo wabambelela. Ngiyakuthanda lokho.

137 Wayengesona isitshalo esibhediwe, uhlobo oluthile lokubhastela njengoba isitshalo sesimanje sinjalo namuhla. Ngathini-ke? Qaphelani, kunjalo, isitshalo esibhediwe sifanele sitotoswe, ufanele usifafaze ngaso sonke isikhathi,

usimbambathe ehlombe, kodwa isitshalo esiqinile esidala esiphuma lapho ngamandla emvelo, awudingekile ukuthi usifafaze, futhi asikho isinambuzane esizosihlupha futhi. Amen.

138 Yilezizinto ezibhasteliwe, ufanele uzimbambathe ehlombe. Uma amaMethodisti engabafuni, amaBaptisti azobathatha. Uma *lona* engabafuni, *omunye* uzobathatha, yingakho bengenakho ukukholwa. Wayengesuye omunye walabo ababhasteliwe, qhabo, mnumzane, isitshalo esibhediwe. Wayazi ukuthi wayefunani, futhi wayebambe okuthize okwakuzomkhululela khona. Amen. Amen. Ngiyakuthanda lokho. Yebo, mnumzane. Wayengesona isivuno sesimanje thina—thina esinaso namuhla. Wahlala naso.

139 Qaphelani, wavuma futhi ukuthi lokho uJesu akusho kwakuyiqiniso. Whewu! He! "Ngiyinja." Amen. Ukukholwa, lalela, uJesu wayeyiZwi, futhi uma unokukholwa koqobo, ukukholwa kuyohlala kuvuma ukuthi iZwi liqinisile. Ukukholwa akusoze kwaphikisana neZwi, amen, kuzohlala neZwi. Indlela iZwi elathi kwenze ngayo, yileyondlela ukukholwa okuyokuqonda ngayo. Ngizokuvumela lokho kuzike umzuzu. Yebo, ukukholwa kuyalivuma iqiniso.

140 Wathi, "Kuyiqiniso." Wavuma ukuthi Wayeqinisile, ukukholwa kuyokwenza ngaso sonke isikhathi. Niyabo, wayebambe into ethize ephakeme kune... sonke leso sizukulwane samaJuda senza ngalesosikhathi. Wayenento ethize ayeyibambile okwalokho kwaku... kungeke kudedeleke. Kwakukhona into ethize phakathi, igqugquza kuye ukuthi wayazi ukuthi wayezosithola isicelo sakhe. Kungenandaba noma ngabe wayezobizwa nge "nja," wayezobizwa nganoma yini, akhahlelwe akhishwe, agxotshwe, noma ngabe kwakuyini, wayebambe into ethize ayazi ukuthi yayizoletha isicelo sakhe.

141 Nkulunkulu yiba nomusa kulesisizukulwane sabantu esinesono. Bamba. Uma lelo kuyiZwi likaNkulunkulu, lonke iZwi laLo liyiqiniso. Phila ngaLo, ufe ngaLo. Futhi ukukholwa kukaMoya oNgcwele kuzogcizelela sonke isithembiso ngo "Amen." Kunjalo.

142 Wabambelela kukho, wathi, "Kuyiqiniso, Nkosi, angifanelekile. NgingumGreki, angiyena owabantu baKho, futhi ngiyinja. Futhi angizizeli kuWe ukuba ungitotose, futhi ubeke izandla kimi, futhi..."

NjengoNahamani noma abanye babo, "Impela ubeyophuma, abeke izandla zakhe phezu kwami, kususe uchoko."

Umprofethi wathi, "Hamba uyozicwilisa eJordani." O, he!

143 Niyabo, yingalesosizathu abantu bekugeja, bafuna ukukuthola ngendlela abakufuna ngayo. UNkulunkulu ukunikeza ngendlela Afuna ukukunikeza ngayo. Sifuna... sinendlela eyodwa ebekiwe, sifanele sihambe ngaleyondlela.

Yilokho kuphela. Kodwa uNkulunkulu ukwenza ngendlela yaKhe.

144 Wathi, "Kuyiqiniso, Nkosi. Angifanelekile, futhi ngiyinja, Usanda kungibiza ngayo. Kodwa izinja zidla imvuthuluka ewa etafuleni lomninizo." Yilokho-ke! Wayezimisele ukuthatha imvuthuluka.

145 Kuhluke kangakanani kithina bantu bePentecostal! Niyazi ukuthi yini indaba ngathi bantu bePentecostal na? Sibone okuningi kakhulu, kwaze kwaba yinto evamile kithi, sibusiswe kakhulu. Yileyo indaba ngathi maMelika.

146 Lapho ngiya eNdiya, futhi ngibona lezozingane ezincane zilele lapho, nezisu zazo ezincane zivuvukele ngenxa yendlala, nomama elele emgwaqeni efa, ezindaweni ezinjalo, futhi ubone indlala nokubulawa yindlala, uza lapha, futhi ubone okwanele okulahlwe emigqonyeni kadoti ukubaphakela, ubone laba besifazane bephuma, futhi bakhokhe amadola ayisishiyagalombili ngesidlo sasemini santambama, into enjalo, futhi nikuchofachofe imizuzu embalwa futhi nikhulume ngomphakathi othile wohlobo oluthile, futhi nikulahle emgqomeni kadoti, lokho bekuyophakela izingane ezithile zaseKorea ezilambile! Bese-ke sizibiza ngesizwe samaKristu. Sondliwe kahle.

147 Abantu bePentecostal bayajikeleza, futhi babuyela emuva, futhi badlula kukho, futhi nibone uhlobo lomhlangano ka-Oral Roberts, lokho uNkulunkulu akwenzayo ngo-Oral, uyabuya, futhi abone lona *omunye*, nalona *omunye*, nalona *omunye*, konke uNkulunkulu esebenza, khona-ke into yokuqala niyazi, bavele baqhiyame, futhi nje bakuthathe njengokuvamile.

148 Njengetilosi elidala ngesinye isikhathi, livela olwandle, futhi lahlangana nembongi, imbongi eyiNgisi. Futhi lathi kwimbongi, imbongi yayibhale izinkondlo eziningi ngolwandle, netilosi elidala lathi, "Uyaphi, muntu wami olungileyo?"

149 Yathi, "O, ngiya olwandle. Angikaze ngilibone, nokho ngibhale ngalo kulokho engikufunde ezincwadini," yathi, "kodwa empeleni angikaze ngilubone ulwandle. Ngilangazelela ukuhogela amagagasi anosawoti, anobusawoti, ngiyathanda ukubona isibhakabhaka esiluhlaza sibonakala emanzini alo aluhlaza, ngilangazelela ukuzwa ukukhala kwenyoni yasolwandle."

150 Itilosi elidala, limi lapho linenqawe enkulu emlonyeni walo, laphimisa, lase lithi, "Awu, ngihlale kulo iminyaka engamashumi amahlanu, futhi angiboni lutho oluxhuxhumisa kangako ngalo."

151 Ngani? Lalikubone kakhulu laze laba, kwaba ngokujwayelekile kulo. Futhi yileyondlela abantu, ababona ngayo kulezizinsuku zokugcina, lapho iBhayibheli likhuluma khona impela lokho uMoya oNgcwele, nalokho uKristu ayokwenza ekubonakaleni ngaphambi nje kokuFika, futhi

babona into eyenzekayo, bese bethi, "Awu, kuhle impela, ngicabanga ukuthi lokho kulungile." O, he! Bekufanele kunyakazise izinhliziyo zethu, bekufanele kusenze siphikelele ukuzama ukuyisa uMlayezo kubantu ngaphambi kokuba kwephuze kakhulu.

152 "Nkosi, ngifuna imvuthuluka kuphela." Khumbula, wayengakaze asibone isimangaliso, wayengumGreki, kodwa wayezwile ukuthi kwakukhona isimangaliso, ukuthi uJesu wenza izimangaliso. Futhi wayazi ukuthi uma Wayengenzela umuntu oyedwa izimangaliso, uNkulunkulu wayenguMdali wazo zonke izinto, nabo bonke abantu, futhi Wayengamenzela. Akakaze asibone isimangaliso, kodwa nokho wayekholelwa kwesisodwa, futhi siyababona usuku nosuku nobusuku emva kobusuku, wayengakaze asibone.

153 WayenjengoRahabi isifebe lapho izinhloli zifika, akazange athi, "Manje, ake ume kancane, ake ngihambe ngiyobona uJoshua, ake ngibone ukuthi uzigqoka kanjani izingubo zakhe, ake ngibone ukuthi uzikama kanjani izinwele zakhe, ake ngimbone enza izibonakaliso." Akazange akucele lokho, qhabo. Yingalesosizathu walungisiswa, ngoba wakwemukela ngokukholwa.

154 Wathi, "Ngizwile!" Amen. "Ngifuna lowo Nkulunkulu abe nguNkulunkulu wami." Wezwa. Futhi lapho esezwile, kwakungukunyakaza kukaNkulunkulu. Futhi wayazi ukuthi kwakunguNkulunkulu, ngoba wayesibonile isibonakaliso sikaNkulunkulu owayenganqoba wonke amandla amakhosi emhlabeni. Wayesekulungele ukukwemukela. Yebo.

155 O, he! Bhekisisani ukuthi lokho kwenzani kuJesu, Wathi, "Ngenxa yalesisisho . . . " Ngenxa yalesisisho . . . Niyabo, waba nendlela efanele yokusondela esiphiweni sikaNkulunkulu, ufanele usondele kuso ngendlela efanele. Lapho uhlezi phandle lapho, lapho usebandleni, lapho use-altare, noma ngabe ukuphi, ufanele usondele kuNkulunkulu ngendlela efanele. Umusa . . . Ukukholwa kuhlala kuvuma iqiniso.

156 UMarta, ake sikhulume ngaye imizuzu embalwa nje. UMarta, sihlale sicabanga ukuthi wayengonensayo, mayelana nokuhlanzwa kwendlu yakhe lapho ezobungaza uJesu. UMariya, uhlangothi oluvilaphayo, wahlala nje, walalela. UJesu, kusobala, wathi wayelalela izinto ezingcono. Kodwa uMarta wakhombisa ubunjalo bakhe, okwakusenhliziyweni yakhe, wayazi ukuthi uJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu.

157 Akungabazeki ukuthi wayefunde izindaba eziningi zeBhayibheli. Wayefundile ngowesifazane waseShunemi, nokuthi owesifazane wayesedlule kanjani iminyaka yokuzala, futhi wayenzele umprofethi ikamelo elincane, ngokuba wathi endodeni yakhe, "Ngiyabona ukuthi yindoda engcwele leyo edlula ngakithi. Ake, ngiyakuncenga, senze ikamelo elincane

eceleni kwendlu yethu, ukuze akwazi ukuphumula. Futhi uma singekho ekhaya, angavele angene, angaba nokhiye emnyango." Futhi wayebonisa umusa.

158 U-Eliya wambusisa, wamtshela ukuthi uyoba nendodana. Ngenkathi leyondodana igula cishe ineminyaka eyishumi nambili ubudala, ifanele ukuthi yashaywa unhlangothi welanga, yakhala, "Ikhanda lami, ikhanda lami," uyise wayeyingenisile, noma, wathi ayingeniswe, yabekwa emathangeni kanina kwaze kwaba semini, futhi yafa.

159 Manje, bukani ukukholwa kwalowo wesifazane, wayithatha futhi wayilalisa embhedeni womprofethi. A-hha! Yeka indawo yokuyibeka! Niyabo? Wayilalisa kulowo mbhede, wayesethi, "Bophela umnyuzi manje, futhi ungami ngize ngikutshele ukuthi ume." Futhi ngakho wasuka waya entabeni lapho, waya kulomhume, lapho u-Eliya ayekhona.

160 UNkulunkulu akabatsheli abaprofethi baKhe yonke into, lokho nje Afuna ukuba bakwazi. No-Eliya waphakamisa amehlo, wayesethi kuGehazi, wathi, "Nakhu kuza lowo mShunemi. Futhi mina . . . Ugcwele usizi, angazi ukuthi kuyini, uNkulunkulu ungigodlele khona." Wathi, "Ingabe konke kuhamba kahle kuwe na? Ingabe kuhamba kahle ngomyeni wakho na? Ngabe konke kuhamba kahle ngomntwana na?"

Bheka lowo wesifazane waseShunemi, "Konke kuhamba kahle." Amen.

161 Ini? Wayesebusweni bomuntu, inxusa likaNkulunkulu, indoda eyayingenza isimangaliso, ethatha owesifazane onguntanga yakhe, esedlule ukuzala, nekhehla njengomyeni wakhe, futhi wababusisa eGameni le—leNkosi uNkulunkulu, futhi wabona umbono, futhi wamtshela ukuthi wayezogona umntwana, futhi wakwenza. Wayazi-ke ukuthi leyo kwakuyindoda kaNkulunkulu.

Ngakho wathi, "Ake ngiye kuye." Wathi lapho efika kuye wathi, "Konke kuhamba kahle." Amen. Ngiyakuthanda lokho. "Konke kuhamba kahle." Futhi khona-ke uqala ukwembula.

162 Kwase kuthi-ke u-Eliya, watshela uGehazi, wathi, "Thatha loludondolo," ngoba u-Eliya wayazi ukuthi yonke into ayeyithinta yayibusisiwe. Manje, noma ngabe owesifazane ubeyokukholwa lokho noma qha, angazi. Ngicabanga ukuthi yilapho uPawulu, engoqavile, wafikelwa umqondo wokubeka amaduku nezindwangu azithatha emzimbeni wakhe kubantu.

Futhi khona-ke u-Eliya wathi, "Thatha lolu dondolo, ubophe izinkalo zakho, uma noma ubani ekhuluma nawe, ungaphenduli, futhi uhambe, ubeke lokhu phezu kwengane efile."

163 Kodwa ukukholwa kowesifazane kwakungekho endukwini, kwakukumprofethi. Induku ayizange imtshele kanjalo,

umprofethi wamtshela kanjalo. Futhi wayephikelele, wathi, "Kuphila kweNkosi, nomphefumulo wakho ungafi, angiyikukushiya."

164 O, ngiyakuthanda lokho. Makabongwe uNkulunkulu, uma abantu bengabamba uMoya oNgcwele, Inxusa likaNkulunkulu emhlabeni kulobubusuku, futhi nibambelele kuWo kanjalo, "AngizukuWudedela." Kungase kudingeke ukuba ubambane ngezandla njengoJakobe ubusuku bonke, kodwa uzosithola isicelo sakho. Bambelela kuWo, phikelela. Futhi wabambelela waze wasithola isicelo sakhe.

165 Mhlawumbe uMarta wayeyifundile leyo ndaba. Futhi wayazi uma uNkulunkulu wayekulowomprofethi, ukuthi uJesu wayeyiNdoda yehora ngaleyonkathi, futhi ngempela uNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe uma Wayekumprofethi waKhe. Ngakho uyaphuma ukuyohlangana naYe, futhi ngenkathi ehlangana naYe, wayengaMthethisa, manje, ngoba wayethumele kuye ukuba Eze, uLazaru wayesenezinsuku ezine efile futhi wayesenuka. Futhi wagijima waphuma ukuyoMhlangabeza, wezwa ukuthi Wayeza, ngakho waphikelela, walushiya udwendwe lomngcwabo futhi wagijima eyohlangabeza uJesu. Nakuba Wayeke wamenqaba, wahamba ukuyohlangana naYe; wayephikelele.

166 Futhi wagijima waya kuYe, futhi wathi, "Nkosi, ukube Ubulapha, umnewethu nga engafanga. Kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika yona." Ngiyakuthanda lokho. Niyabo? "Nakuba efile, nakuba enuka, nokho noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyoKunika yona."

167 Manje, leyo yindlela yokwenza okuthile. Manje, yileyondlela nina bandla ebenifanele nizizwe ngayo ngomelusi wenu. Niyabo? Yilapho uNkulunkulu ezophendula khona. Kunjalo. Ufanele usondele eziphiweni zikaNkulunkulu ngendlela efanele, ngokuba nenhlonipho. Futhi inkonzo iyi, iziphiwo somfundisi. Ziyiziphiwo enyameni, iziphiwo zokomoya ezinhlanu, ezamiselwa ngaphambili futhi zamiswa ngaphambili nguNkulunkulu eBandleni. Ngiyazi ukuthi kuneziphiwo zasendaweni eziyisishiyagalolunye emzimbeni, kodwa lezi yiziphiwo zesikhundla sikaNkulunkulu, isikhundla, abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli. Futhi simele sibahloniphe uma silindele okuthile kuNkulunkulu.

168 Wagijima wakhuphukela kuYe ngqo, wayesethi, "Nkosi, ukube Ubulapha, nga umnewethu engafanga. Kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika yona." Ngiyakuthanda lokho.

169 Nakuba udokotela esho *lokhu*, "Kodwa nakalokhu, Nkosi. . ." Udokotela uthi unomdlavuza, "Kodwa nakalokhu, Nkosi. . ." Udokotela uthi angeke uphile, "Kodwa nakalokhu,

Nkosi. . .” Yilokho-ke. “Nakalokhu, noma yini oyicela kuNkulunkulu. . .” Futhi Uhlezi ngakwesokunene soMkhulu, “UmPristi oMkhulu ongathintwa umuzwa wobuthakathaka bethu, ohlale ephilela ukunxusela.” O, he! Izingubo zakhe ezineGazi zibekwe phambi kwe-altare likaNkulunkulu. “UmPristi oMkhulu ongathintwa umuzwa wobuthakathaka bethu.”

170 Ukukholwa kwakho kungaMthinta futhi Angathatha isikhundla eBandleni, futhi aphendule ngqo ngalezozindebe, futhi akutshele khona impela. Uzokwenza umsebenzi ofanayo Awenza ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathembisa ukuwenza, futhi Uyawenza. Amen. Kungani singakwazi ukuphikelela na? impela, nokufana nalokho, okuningi kakhulu kunalokho ayenakho.

171 Qaphelani, manje, noMarta, wathi, “Nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika khona.” Bukani lokho, nakuba Wayemenqabile, wathi, “Into kuphela engifuna Uyenze ukucela umkhuleko nje, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyoKunika khona.”

172 Lalela lokhu, mfana, amaziyo aqala ukuhlangana ngalesosikhathi, ukukholwa kuqala ukuhlangana noNkulunkulu. Kufana nokuhlanganisa okunegethivu nokuphozithivu, uzothola ukukhanya maduzane impela.

Manje, niyaqaphela ukuthi kwenzekeni. Manje, Wathi, “Umfowenu uzakuvuka futhi.”

Wathi, “Yebo, Nkosi, uyovuka futhi ngosuku lokugcina, ukuvuka kukawonkewonke. Ubengumfana olungile, uzoza.”

173 Khona-ke uJesu wasukuma. Niyabo, izinto ziqala ukwenzeka manje, wayesejulukile wamanzi te, njengoNowa, nanjengalona wesifazane esikhuluma ngaye, lo mGreki, ejuluka eba manzi te. Wathi, “NgingukuVuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efile, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa. Uyakukholwa lokhu?”

174 Wathi, “Ya, Nkosi,” o, he, “Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu eyayizoza emhlabeni.” Kwaba yilokho-ke. “Ngiyakholwa ukuthi Uyilokhu Ozisho ukuthi uyikho, iNdodana kaNkulunkulu.” Kukhona okufanele kwenzeke. “Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu eyayizakuza emhlabeni.”

175 Owesifazane wahlangana nami eminyakeni ethile edlule futhi wayexoxa nami ngalokho, wathi kimi, wathi, “Mfowethu Branham, linye kuphela iphutha engilitholayo ekushumayeleni kwakho.”

Futhi ngathi, “Ngiyabonga! Uma iphutha elilodwa nje, lokho—lokho kuhle kakhulu.”

Wayesethi, “Yilokhu: uqhosha kakhulu ngoJesu.”

Ngathi, "O, he, uma kunjalo! Ngi—ngijabule kakhulu ukuthi ngiyakwenza." Ngathi, "Angikwazi ukuqhosha ngokwanele."

176 Wathi, "Kodwa uyabo, Mnu. Branham, nansi into eyodwa . . . " Ibandla lakhe alikholwa ukuthi UngonobuNkulunkulu, likholwa nje ukuthi Wayengumprofethi. Uma Wayengumprofethi nje, sonke silahlekile. Uma Eyinoma yini esilele kuNkulunkulu, sonke silahlekile, kunjalo, impela. WayenguNkulunkulu.

Wayesethi, "Umenza abe ngonobuNkulunkulu, futhi wayengesuye ongonobuNkulunkulu."

Ngathi, "WayengonobuNkulunkulu."

Wathi, "Uzisho ukuthi uyalikholwa iBhayibheli."

Ngathi, "Ngiyavuma."

Wayesethi, "Uma ngizofakazisa ngeBhayibheli ukuthi wayengeyena onobuNkulunkulu, uzokwemukela na?"

Ngathi, "Uma iBhayibheli lathi Wayengeyena onobuNkulunkulu ngizokwemukela, kodwa angeke wakufakazisa."

Wathi, "Ngizokufakazisa."

Ngathi, "Kulungile."

177 Wathi, "KuJohane oNgcwele, isahluko se 11, iBhayibheli lasho ukuthi ngenkathi uJesu eya ethuneni likaLazaru wakhala izinyembezi, futhi uma wayengonobuNkulunkulu, wayengekhale izinyembezi."

178 Ngathi, "Nenekazi, impikiswano yakho izacile kunomhluzi owenziwe ngesithunzi senkukhu eyabulawa indlala." Ngathi, "A—awunawo ngisho nomcabango nhlobo. Yebo," ngathi, "WayengonobuNkulunkulu," ngathi, "Wayeyikho kokubili uNkulunkulu nomuntu." Kulungile. Ngathi, "Wayengumuntu ngenkathi Ekhala izinyembezi, kodwa ngenkathi Esemi ngaseceleni kwalelothuna lapho umuntu ofileyo wayesefile izinsuku ezine, wayesethi, 'Lazaru, yima ngezinyawo zakho,' kwakukhona indoda eyayinezinsuku ezine ifile ibuya, lokho kwakungaphezu komuntu." Impela kwakunjalo.

179 Wayengumuntu ngenkathi Ehla entabeni ngalobobusuku, elambile, ebuka esihlahleni ukuze athole okudliwayo, Wayengumuntu ngenkathi Elambile, kodwa lapho Ekwazi ukuthatha amabhisikidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili futhi wasuthisa izinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu, uMdali. Kunjalo.

180 Wayengumuntu ngenkathi Elele ngemuva kwalowomkhumbi ngalobobusuku, amandla ayesephumile kuYe, izindebe zaKhe zidabukile ekushumayeleni, iPhimbo laKhe lishile, limahhadlahhadla. Wayelele kulowomkhumbi elele, kwaze kwaba yilapho odeveli abayizinkulungwane

eziyishumi bolwandle bafunga ukuthi babeyoMminzisa ngalobobusuku, ngenkathi beMlalise lapho emqamelweni ngemuva kwesikebhe, namagagasi ashaya emuva naphambili awakwazanga ngisho nokuMvusa. WayenguMuntu ngenkathi Elele, Wayengumuntu ngenkathi Ekhathele.

181 Kodwa ngenkathi beMvusa, futhi Wama phandle lapho, futhi wabeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yomkhumbi, wase ebheka phezulu, wayesethi, "Ukuthula, thula," nemimoya namaza kwaMlalela, lokho kwakuyi . . . lokho kwakungaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu kulowomuntu, WayengonobuNkulunkulu. Wayengaphezu komprofethi, WayenguNkulunkulu-mProfethi, kokubili uNkulunkulu nomuntu, uJehova enziwe inyama ukuze akhiphe udosi lokufa.

182 Qaphelani, Wayengumuntu ngenkathi Ekhalela umusa esiphambanweni, kunjalo, kodwa ekuseni ngePhasika, ngenkathi Evula izimpawu zokufa, isihogo, nethuna, futhi wavuka futhi, wathi, "NginguYe owayefile, futhi ophilayo kuze kube phakade," lokho kwakungaphezu komuntu.

183 Wonke umuntu owake waba segqumeni likabhontshisi kulomhlaba ube ngabantu abakholelwa ukuthi, ngisho nasezimbongini, omunye wathi:

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
> Evuka, Walungisisa ngesihle inguna phakade:
> Ngolunye usuku Uyeza—o, usuku oluyinkazimulo!

U-Eddie Perronet, owabhala, eshushiswa, wabhala iculo lokuvula loKufika kwaKhe, wathi:

> Bayede mandla eGama likaJesu!
> IziNgelosi maziwe zilale phansi;
> Zilethe umqhele wobukhosi,
> Futhi ziMthwese uMbusi wabo bonke;

UNkulunkulu ebonakaliswe enyameni! Impela.

Fanny Crosby oyimpumputhe, ungathini ngaYe na? Wathi:

> Ungangidluli, O Msindisi Omnene,
> Yizwa ukukhala kokuzithoba kwami;
> Lapho Ubabiza abanye,
> Mawungangedluli.

> Ngokuba wena ungumfudlana wenduduzo yami yonke,
> Ungaphezu kokuphila kimi,
> Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
> Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

184 Amen. Wayengaphezu komuntu, WayenguNkulunkulu. Yebo, mnumzane. UMarta waphikelele waze wakuthola akucelayo.

185 Lapha emibalwa, cishe unyaka owedlule, ngolunye usuku ngangena ngivela emihlanganweni, ngikhathele. Ngehla ukuyokhuluma etabernakele elincane, owesifazane, okungenzeka ukuthi uhlezi lapha kulobubusuku, uma ekhona, ngifuna asukume, wayevela lapha eCalifornia ndawo ndawo, babemngenise, wayenesimila esasiphume *kanje*. Isimila sasinesisindo esingamaphawundi angamashumi amahlanu noma angamashumi ayisithupha, wayebukeka kabi kabi. Kwadingeka amadoda amthwale amngenise.

186 Ngokujwayelekile etabernakele ngikhathele ngempela, angikhulekeli abagulayo, ngivele ngingene, ngikhulume nebandla, ngibuyele emuva. Uma ngingaphosisi, abanye abazalwane bahlezi lapha kulobubusuku, bevela le eJeffersonville abehlela lapha, osize ukuthwala owesifazane ngapha nangapha. Bathi . . . Ngaphuma ngomnyango ongemuva. Wayephikelele. Bamtshela, bathi, "UMfowethu Branham akakhulekeli abagulayo lapho engena kanje, ukhathele kakhulu, asimbizi. Linda izinsuku ezimbalwa."

Wathi, "Angikwazi."

187 Futhi ngakho, wathola amanye amadikoni, noma abaphatheli, ukuba bamthwale bamkhiphe ngomnyango omncane ongemuva. Ngemva kokuqeda ukukhuluma, ngaphuma, wangibamba ngomlenze; wabambelela. Ngambeka izandla, futhi ezinyangeni ezimbalwa kusukela lapho yena owesifazane . . . Nangu esephumile . . . Ngabe nguwe, dade na? Nango emile khona manje. Alukho uphawu olulodwa, indlela eyodwa, noma kuphi nhlobo. Isimila sancibilika lapho ngimkhulekela. UNkulunkulu wamphulukisa owesifazane, ngenkathi isigejane samadoda sadingeka simthwale simkhiphe.

188 Kwakuyini na? Ukuphikelela, eba nesineke, wakholwa, futhi wabambelela kukho, yilokho okukudingayo. Kuthatha okuthile ukuba nesineke, into ethile ozobambelela kuyo.

189 KwakunguMikhaya ezansi lapho ngenkathi uJehoshafati no-Ahabi . . . Umuntu kaNkulunkulu ubengafunelani ukwenzani inhlangano nomzenzisi onjalo na? Wahambisana nabangalungile, njengoba kwenza inqwaba yabantu, aphumele phakathi kwabangakholwayo, iVangeli lenhlaliswano, izinto ezinjengaleyo, futhi uzithola uxovekile. UJehoshafati wathi, "Sifanele sikhuphukele eRamoti-gileyadi na?"

"Ngani, impela, ngokwemvelo."

Bonke . . . Bakhuphuka futhi bathatha abaprofethi abangamakhulu amane abondlekile, abaqeqeshiwe, bakhuphukela lapho, futhi bathi, "Khuphuka, iNkosi inawe."

190 UHezekiya wahamba wazitholela izimpondo ezinkulu ezinkulu, wayesethi, "Ngalokhu uzobaqhubukusha. Ngoba kungani na? UJoshuwa wahlukanisa amazwe, neRamoti Gileyadi ingeyethu." Kwazwakala kukahle, niyabo, kwazwakala kunengqondo konke, okuqavile. Wathi, "Uzobaqhubukusha bathi ngqu emuva baphume ezweni."

191 Uyazi, kodwa kukhona okuthile ebandleni, i—inhliziyo yomuntu, lowo ngumuntu kaNkulunkulu. UJehoshafati wathi. . .Bukani lapho, kukhona amakhulu amane abo, futhi bonke nganhliziyonye, benikeza izwi elilodwa. Wathi, "Manje, ngiyakwazi lokho . . . "

192 "Lokho kufanele kube ngokulungile," kwasho u-Ahabi. "Manje, singamaJuda," uJezebeli esihlalweni sobukhosi kanye naye. Niyabo? Wathi, "Manje, bukani lapho, abaprofethi bamaJuda abangamakhulu amane bethi, 'Khuphuka, ISHO KANJE INKOSI.'"

Kodwa lokho akuzange kuzwakale kahle. UJehoshafati wathi, "Awunaye omunye futhi?"

"Omunye futhi? Ngidingani komunye futhi, kuyilapho sinekolishi lonke lapha, umbhishobhi nabo bonke na? Yini enye esisayidinga ngaye na?"

"Awu," wathi, "akekho omunye futhi?"

Wathi "Yebo, ukhona omunye futhi, kodwa ngiyamzonda."

"O," uJehoshafati wathi, "mayingasho kanjalo inkosi. Hamba umlande."

Wathi, "U—unguMikhaya indodana ka-Imla," wathi, "kodwa ngiyamzonda, uhlala njalo eprofetha okungalungile ngami, njalo engitshela okuthize."

193 O, yebo, uphungula ummbila, ususa izinsumpa. Niyabo? Wonke umuntu ufuna ukutotoswa nokuzwelwa. Kungalesosizathu kwenza izitshalo ezibhediwe, zifafazwe ngokuncetheza *lokhu*, nokuncetheza *lokho*. UbuKristu bumahhadlahhadla. IVangeli lifanele lihanjiswe ungafake lutho ezandleni, hhayi ufake amagilavu obufundisi basesontweni, kunjalo, amagilavu amhlophe athambile, angawabesifazane, hhayi awabashumayeli, qhabo. Lalela, mfowethu, iZwi lifanele lihanjiswe ngendlela Eliyiyo lapho, hhayi ngemfundiso engaphikiswa yasekolishi kuLo, kodwa ngendlela nje Elilotshwe ngayo lapha.

194 Ngakho i. . .bathumela ibhodi labadikoni ngale, futhi bamtshela, bathi, "Manje, buka, Mikaya, sizokubuyisela enhlanganweni uma nje uzosho into efanayo umbhishobhi nabo bonke abakushoyo."

195 Wayekhuluma nendoda okungesiyo lapho, uMikaya wazi ukuthi kwakuyini ukwethemba uNkulunkulu. Wathi, "Kuphila kweNkosi uNkulunkulu, ngizosho kuphela lokho Ekufaka

emlonyeni wami." O, mfowethu, he! Ikolishi noma lingekho ikolishi, ukubambisana noma kungekho ukubambisana, wathi, "Ngizosho nje lokho uNkulunkulu akubeke emlonyeni wami." Wathatha lobobusuku waphindela ngakusasa, wathi, "Khuphuka, kodwa ngibone u-Israyeli ehlakazekile njengezimvu ezinomelu-. . ., noma, engekho umalusi."

Futhi ngakho lo mbhishobhi omkhulukazi wammukula emlonyeni wayesethi, "Wayangaphi uMoya kaNkulunkulu ngenkathi Uphuma kimi na?"

196 Wathi, "Ngabona uNkulunkulu ehlezi eZulwini, kwabanjwa umkhandlu. Futhi ngabona umoya omubi ukhuphuka, umoya wamanga, wathi, 'Ngizokwehla ngingene emlonyeni walabo baprofethi ngibenze baprofethe amanga.'"

197 Wena uthi, "Awu, manje, mfowethu, indoda yayingabona kanjani ukuthi yayinephutha na?" Ngani? Umbono kaMikaya wawungokweZwi. IZwi likaNkulunkulu lase lishiwo kakade ngo—ngomprofethi, neZwi leNkosi njalo liza kumprofethi. Futhi uma umprofethi u-Eliya wayethukile u-Ahabi, futhi wamtshela ukuthi izinja zaziyoxhapha igazi lakhe, wayengabusisa kanjani lokho uNkulunkulu ayekuqalekisile na? Ngakho umbono wakhe wawungokweZwi.

198 Indoda yangibhalela incwadi ngolunye usuku, yathi yayisenkonzweni yokukhulula, yathi, "Ungabona kanjani ukuthi nguNkulunkulu okhuluma kuwe, noma—noma udeveli na?" Mm, Mm!

Ngathi, "Kuhlole ngeZwi, uma kungahambisani neZwi, khona-ke kuyiphutha, angikhathali ukuthi kubukeka kukuhle kanjani."

199 ETestamenteni eLidala babenendlela yokuthola lapho umprofethi wayekhuluma iqiniso, noma ophuphayo wayephupha okuyikho. Babemehlisela ethempelini, bese bembeka phambi kwe-Urimi neThumimi, futhi uma leyo-Urimi neThumimi yenzile, naleyongxubevane yokukhanya njengothingo lwenkosazana lubaneka kulokho, uNkulunkulu wayeqonda ukuthi lowomprofethi uyiqiniso, noma isiprofetho, noma umphuphi, kodwa uma kungazange, kungenandaba ukuthi kwakubonakala kungokoqobo kanjani kwakungalungile. Yayiphendula njalo, uNkulunkulu ubanika okungaphezu kwemvelo.

200 Ngiyanitshela ukuthi ubupristi buphelile, nokuthi i-Urimi neThumimi isusiwe, kodwa siNentsha namhlanje, futhi lelo yileliBhayibheli. Uma umshumayeli, noma yimuphi omunye, eshumayela noma iyiphi imfundiso engenakuphikiswa noma yini engaphandle kwaleloBhayibheli, kimi akulungile, akusikho ngendlela okubukeka kuyikho ngayo (kufanele kube yiphutha), kufanele kuhambisane naleloBhayibheli. A-hha! Ungaxubanisi lutho naLo, vele uLishiye njendlela eLingayo,

yileyondlela uNkulunkulu anaLo ngayo, futhi yileyondlela esifanele siLemukele ngayo futhi siLikholwe ngayo, yebo.

201 Indoda eyimpumputhe, impela, yayingekwazi ukuphikisana ngesayense yezenkolo nabo, kodwa yayiphikelele, yayazi ukuthi yake yaba yimpumputhe futhi khona-ke yayisingabona. Impela. Yayazi leyonto eyodwa, yayiphikelele kakhulu. Bathi uyise nonina. . .Bathi, "Noma ngubani ovuma lo mprofethi waseGalile, sizomkhipha ebandleni."

202 Futhi ngakho lo mfo wayebambe okuthize. Kukhona okwenzekile kuye, futhi wayephikelele, wayengabatshela. Manje, akakwazanga . . . Wathi, "Kuyinto eyinqaba kimi manje, ukuthi nansi into ethize okungukuthi uNkulunkulu kuphela ongayenza, futhi akukenzeki nakwelinye lamabandla ethu esansi kudabule eminyakeni engazi ngayo, indoda ezelwe eyimpumputhe yemukela ukubona kwayo. Futhi nifanele ukuba ngabaholi babantu balolusuku, futhi nokho anazi ukuthi Uvelaphi na? Kuyinto eyinqaba."

203 Mfowethu, wayenamaphuzu amahle ngempela okuphikisa lapho, ngingacabanga. Yebo, mnumzane. Futhi abantu namuhla bathi, "Kumayelana nani konke lokhu na?" Futhi anazi, bosiyazi bezenkolo, nokunye nokunye, ukuthi iBhayibheli libikezela yona kanye lento ukuba yenzeke. O, mfowethu, besifanele siphikelele kanjani!

204 UFiliphu, ngenkathi emi lapho futhi wezwa uJesu ekhuluma noSimoni, futhi embiza ngokuthi uSimoni, wathi, "Igama lakho unguSimoni, uyindodana kaJona," futhi engakaze ambone ngaphambili, wayephikelele impela. Wabamba uNathanayeli, futhi ngenkathi uNathanayeli efika, Wathi, "Bhekani umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

Wathi, "Ungaze nini, Rabi na?"

Wathi, "UFiliphu engakakubizi, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona."

Waphikelela ngempela, wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli."

205 Owesifazane omncane emthonjeni, wayekade ebheke uMesiya ukuba afike. Wayebazwile bonke osiyazi bezenkolo futhi emuva naphambili, futhi wacabanga ukuthi angase ahambe emgwaqeni futhi abe yisifebe, uma lokho kungokuhle kunakho konke ababenakho.

206 Futhi yena, ngolunye usuku, wehlela emthonjeni ukuyokha amanzi, nakho kuhlezi iNdoda ejwayelekile, ebukeka cishe ineminyaka engamashumi amahlanu ubudala, ngiyacabanga. Futhi waYibheka, futhi Yamcela ukuba aYilethele amanzi, futhi wangena emasikweni, wayesethi, "Kukhona ukuhlukana," nokunye nokunye.

Kodwa lapho Ithi, “Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.”

Wathi, “Anginayo.”

Yathi, “Ukhulume iqiniso. Ubunayisihlanu, nale onayo manje akusiyo indoda yakho.”

Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Siyazi lapho uMesiya efika, lezizinto ziyoba yilokho Ayokwenza.”

Yathi, “NginguYe okhuluma nawe.”

207 Manje, wayenga, ngokomthetho, fanele atshele indoda noma yini ezimakethe, ngokuba wayengowesifazane onodumo olubi, kepha, mfowethu, wayephikelele, futhi wabanxusa ekubekezeleni kwakhe waze wathi, “Wozani, nibone uMuntu, ningahlali *lapho*, ningahlali *lapha*, wozani nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Ingabe lo akuyena kanye uMesiya owathenjiswa na? Wathi ‘iNkosi uNkulunkulu iyakuvusa umProfethi onjengami.’ Mlaleleni.” Wayephikelele waze wakhipha amadoda phandle lapho, futhi bakholwa yiKho.

208 Kungikhumbuza indaba encane esasinayo ezansi eMexico, lapho i*Voice* yeChristian Business Men yayinodatshana lwakho lapha esikhathini esingeside esedlule. Sehla lapho futhi i . . . UJenene Valdena nguye owayengilethe ezansi lapho. Futhi ngakho bangena enkathazweni encane ngohulumeni waseMexico engenisa iProtestane, futhi ngakho, ngalelibutho lempi, futhi ngakho umbhishobhi waya ngale wayesethi, “Mnumzane,” wathi, “uyazi ukuthi le ndoda ayilona iKatholika?”

Wathi, “Qha, kodwa,” wathi, “Ngicabanga ukuthi ungumuntu onedumela elihle, izinkulungwane ziza ukuzomuzwa eshumayela, basho njalo.”

Wathi, “O, abangazi nje nabangafundile abaphuma ukuyokuzwa umuntu onjalo.”

Wathi, “Senibe nabo ezansi lapha iminyaka engamakhulu amahlanu, kungani bengazi futhi bengafundile na?”

Ngiqagela lokho kwakunguku*val’umlomo* okuhle. Futhi ngakho basivumela ukuba sibe nendawo phandle lapho, nezinkulungwane zabuthana. Futhi ngangizoba lapho cishe ubusuku obuthathu.

209 Ngobunye ubusuku emsamo, ngabuka, futhi nakhu kufika ompofu, umfowethu omdala waseMexico, eyimpumputhe njengoba ebengaba njalo, izinyawo zakhe zingenalutho futhi zineminkeke yonke indawo, isigqoko sakhe esidala sisesandleni sakhe, sithungwe ngezintambo, imilenze yakhe yebhulukwe idabuke phezulu *lapho*. Ngambuka, egcwele izintuli. Wayeza lapho ephethe isigqoko sakhe ngesandla, wayemunyunga okuthile endodeni eyayimletha. Lapho esondela kimi, welulela

isandla ephaketheni lakhe wakhipha isiphambano esincane esinomfanekiso kaJesu esiphambanweni futhi uqala uku—ukusho u—u "Yethi, Mariya," ngamphakamisisa sona.

210 Futhi ngakho, unyukela lapho, futhi ngambuka, ngacabanga, "Nangu, umfo omdala ompofu, mhlawumbe akakaze abe nokudla okuhloniphekile empilweni yakhe. Nangu ekhona manje, ebuka, engagqokanga ngisho nezicathulo, nakhu ngimi nepheya lezicathulo ezinhle. Nakhu ngimi nesudi." Ngikholwa ukuthi kwakuyisudi efanayo uMfowethu Carl Williams, umkakhe anginika yona, *lapho*. Nami nga—futhi ngangimi lapho, ngacabanga, "Nakhu ngifake isudi." Ngacabanga. . .Ngabeka amahlombe ami. . .Ngacabanga, "Uma izomlingana, ngizomnika yona impela."

211 Ngabeke izinyawo zami eduze kwezakhe, kwakungeke kumlingane nhlobo, futhi ngacabanga, "Bengingenzani na?" Futhi ngacabanga, "Nango ebhadazela ebumpumputheni, umfo omdala ozihluphekelayo." Ufanele ubazwele abantu, kungenjalo ngeke usize ngalutho ukubakhulekela. Yilokho—lokho kuphela. Futhi ngacabanga, "Ukube ubabayi wami ubephila, ubeyoba kuleyo minyaka."

212 Ngamgaxa, ngase ngiqala ukumgona *kanjalo*, ngase ngithi, "Nkosi Jesu, akukho okungamsiza ngaphandle kwaKho. Akanayo ngisho indibilishi yemali, futhi mhlawumbe akakaze abe nokudla okumnandi, noma isudi yezingubo ehloniphekile empilweni yakhe. Futhi nangu emile, nemvelo ibe nonya kakhulu kuye, kuze kuba lapha uphuphuthekile. Buka ukuthi isiphetho simenzeleni. O, Nkosi Nkulunkulu, yiba nomusa."

213 Ngamuzwa empongoloza "Gloria a Dios!" Futhi waqalaza, ikhehla lalibona kahle njengoba ngangingabona. Nalo lisuka emsamo lithokoza, limpongoloza.

214 Ngobusuku obulandelayo kwakukhona yonke inqwaba yamatshali amadala namajazi, kunqwabelene phezulu kuphakeme *kangako* emsamo. Lina. . .Manje, labobantu abafikanga futhi baphikisane ngoba ngahlala kwaze kwaba ngelesishiyagalolunye nqo, angizange ngifike lapho kwaze kwashaya ihora lesishiyagalolunye nqo. Futhi bafika lapho ngehora lesishiyagalombili noma lesishiyagalolunye ekuseni, futhi bencikene omunye nomunye, bencike nje komunye. . . kungekho ndawo yokuhlala phansi, bavele bama kulesisiyingi esikhulu futhi bancikana omunye komunye.

215 Ngakho lapho ngifika emsamo, ngaqala ukukhuluma ngokukholwa, ngibuka phezu kwalenqwaba yamatshali amadala. . .Bake bazi kanjani ukuthi ayengabakabani, nezigqoko, namajazi, nokunye nokunye! Ngabheka phansi lapho. Futhi uBilly weza kimi, wathi, "Babayi, sinabangenisi abayikhulu noma ngaphezulu abami lapho, futhi kukhona owesifazane onengane efile omi lapho," futhi wathi, "thina. . .

bona . . . asinabo abangenisi abenele ukubamba lowo wesifazane bamkhiphe emgqeni."

"Awu," ngathi, "ungakanani yena?"

Futhi wathi, "Awu, uyinto encanyana nje." Futhi wathi, "Kodwa ubelokhu emi lapha usuku lonke naleyongane efile."

216 NoMfowethu Jack Moore, abaningi benu bayamazi, wayemi emva kwami, ngathi, "Mfowethu Jack . . . " UMfowethu Espinoza, abaningi benu bantu abakhuluma iSpanishi bayamazi uMfowethu Espinoza, futhi wathi . . . wayengihumushelela. Futhi ngathi, "Mfowethu Moore, iya ngale, akangazi, iya ngale futhi umkhulekele."

217 Futhi wayedlula kulabo bangenisi abadlana lapho, wayegijima ngaphansi kwezinyawo zabo, akhwele phezu komhlane wabo, ephethe ingane efile engalweni yakhe, owesifazane omncane oyiKatolika, futhi wayezama ukukhuphukela lapho.

218 Ini? Ukukholwa kuvela ngokuzwa. Wayezwile ukuthi impumputhe yemukela ukubona kwayo. Wazi uma lowo kwakunguNkulunkulu, kwakunguNkulunkulu wabaphilayo, uNkulunkulu wayengavusa abafileyo. KwakunguNkulunkulu ofanayo owayekwazi ukunika ukubona, owayengavusa ingane yakhe, akunandaba ukuthi kwakusiphi isimo. Yilokho kuphela. Wayazi ukuthi WayenguNkulunkulu, futhi wayezama ukukhuphukela lapho.

Futhi ngakho, uMfowethu Moore waqala ngale ukukhulekela ingane, futhi ngaphenduka ngase ngiqala ukuthi, "Futhi njengoba bengisho . . . "

UMfowethu Espinoza wahumusha, "Ukukholwa luyisub- . . . "

219 Ngase ngibheka futhi lapha phambi kwami kwakukhona ingane encane yaseMexico, ubuso obuncane obumnyama, nezinsini ezincane ezicwebezelayo, umfo omncanyana, emamatheka nje, ehlezi khona lapha phambi kwami. Ngacabanga, "Kumele kube yileyo ngane." Ngaqalaza, noMfowethu Moore wayezama ukwehla edlula kubangenisi, ngathi, "Umzuzu nje, Mfowethu Moore. Dedisani emuva, abangenisi."

220 Isizathu sokuthi engakwazanga ukukhuphuka, wayengenalo ikhadi lomkhuleko. Mfowethu, ngangimbiza ngokuthi uMañana, okusho ukuthi "kusasa," wayenza kancane kakhulu, wayevele ehlele lapho, futhi ame azungeze, futhi akhiphe amakhadi omkhuleko. Futhi uBilly wehla ukuyombheka, ukubona ukuthi akadayisanga nelilodwa lawo, ngakho, ukubona ukuthi uyedlula. Ngakho wayengakwazi ukukhuluma iSpanishi. Ngakho yena—wakhipha wonke amakhadi omkhuleko, futhi

akabange esaba nawo, futhi wayezodlula noma kanjani. Wayephikelele, wayefuna leyonto ukuba yenziwe.

Futhi ngakho, uMfowethu Moore waqala emuva ngaleyondlela, futhi—futhi ngathi, "Ima kancane, Mfowethu Moore."

Wathi, "Yin'indaba?"

221 Ngathi, "Angazi. Ungahumushi, Mfowethu Espinoza." Ngathi, "Ngibone ingane encane yaseMexico imile ingibheke njo, ngqo ngaphandle phezu—phezu kwezethameli khona lapha." Ngathi, "Akeze ngapha." Futhi ngakho abazange bakuhumushe lokho.

222 Futhi umama omncane uyeza ekhuphukela lapho, owesifazane omncane omuhle, cishe, o, ngingathi cishe iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ubudala, emanzi te njengoba angaba manzi, nezinwele zakhe ezinhle zilenga ebusweni bakhe, namehlo akhe ehangulwe yizinyembezi, nokuthi imidwa yehla kanjani ebusweni bakhe. Futhi wagijima wenyukela lapho, futhi wawela kwiphansi, futhi waqala ukumpongoloza, "Padre." Ngicabanga ukuthi kusho ukuthi, "Baba." . . .?. . . Padre? Futhi "Padre," njalo . . . kanjalo.

Futhi—futhi ngathi, "Sukuma, sukuma." Futhi uMfowethu Espinoza weza lapho, ngathi, "Ishone nini ingane?"

223 Wathi, "Ngelesishiyagalolunye namuhla ekuseni." Futhi lokho kwakungaba ligamenxe eleshumi ngalobobusuku. Futhi emanzi nje . . . Ingubo yokulala encane igamanxile *kanjalo*, wayenesimo esincane, eyiphithe ivela *kanje*.

224 Wathi, "Unganyakazi nje, umzuzu nje." Futhi—ngakho wema, futhi ngathi, "Baba waseZulwini, ngibone embonweni ingane encane yaseMexico, angazi ukuthi yilengane noma qhabo, kodwa ukuthulisa inhliziyo yalomama, futhi lokho bekungaba umbono ovela kuWe, yingakho ngilapha, ngibeka izandla zami phezu . . ." ingane encane yathi, "Wa, wa," iqala ukukhahlela izinyawo zayo ezincane *kanjalo*, nanso yayiphila. Ngitshele kungani. Ukuphikelela kowesifazane.

225 UMfowethu Espinoza kungenzeka ukuthi uhlezi ekhona kulobubusuku. Kunabaningi . . . Ngabe kunjalo na? Ingabe uMfowethu Espinoza ungaphakathi lapha na? Ukhona . . . Nonke niyamazi, futhi ningakwazi . . . niyayazi indaba. Kwakuyini na? Lowo wesifazane omncane, ephikelela. O, wayazi uma uNkulunkulu wayekwazi ukuvula amehlo aleyondoda eyimpumputhe, Wayengayiphilisa futhi nengane yakhe, ayibuyisele ekuphileni.

226 Futhi ngakho ngathi kuMfowethu Espinoza, "Ungasho lutho ngalokho. Ungakwenzi lokho manje, ngoba into kuphela engiyibonile bekuyingane nje lapho, angazi ukuthi kusho ukuthini. Thumela isigijimi nowesifazane, futhi baye

kudokotela, futhi uthole isitatimende sokuthi leyongane yafa, futhi washo ukuthi ifile."

227 UMfowethu Espinoza wathumela isigijimi kanye naye owesifazane, futhi waya ngakusasa kudokotela, udokotela wathi, "Ngithe ingane ishonile izolo ekuseni, ibulawe yinyumoniya," noma into enjalo, "ngehora lesishiyagalolunye nqo. Ingane yayifile, futhi manje iyaphila." Haleluya! Ngani? Lokho kukholwa. Nakuba ayengumKatolika, mina ngangingumProtestani. Ukukholwa kwabamba okuthize. Haleluya!

228 Ufanele uphikelele, ube nesineke, ufanele wazi ukuthi uNkulunkulu usenguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu njalo wayenguNkulunkulu, uNkulunkulu uyohlala enguNkulunkulu. "Unguye izolo, namuhla, naphakade." Kubambe ngokukholwa ube nesineke, ungakuyeki, uNkulunkulu wakuthembisa, kukuNkulunkulu ukuthi akulungise. UNkulunkulu wenza isithembiso, uNkulunkulu uzokwenza.

229 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Ngeke ngikuqedele lokhu kuze kube ngesinye isikhathi ngoba ku—ku. . . Ngithe ukuqaphela ukuthi sekuba leyithi kancane. Ukuphikelela, uba nesineke. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

230 Kusasa ntambama ngizobeka intambama yonke ngikhulekela abantu abanalawo makhadi omkhuleko. Ngizwa sengathi uMoya oNgcwele ulapha, futhi unokukholwa okwanele ukuWunyakazisa. Niyakukholwa lokho na? Phakamisani izandla zenu uma nikukholwa. Kulungile. Kuthatha lokho ukwehlisa uMoya.

231 Angiboni umuntu oyedwa engimaziyo kulezi zethameli, owesifazane nje ofakaze khona manje laphaya, wavuka, owaphulukiswa ngesimila esikhulu.

232 Futhi uma ngingaphosisi, bengifuna ukubuza lokhu izolo ebusuku, akusuye yini lo uDadewethu Upshaw ohlezi lapha na? UNkulunkulu akubusise, Dadewethu Upshaw. Umyeni wakhe, nonke niyamkhumbula uMfowethu Willie Upshaw, ubesendaweni yenu ngalobo busuku, enganyakazi iminyaka engamashumi ayisithupha nento esihlalweni esinamasondo, uNkulunkulu wamphulukisa, futhi waphulukiswa kwaze kwaba yilapho eseyoba noJesu iminyaka kamuva. Ngaphandle kwalokho, yilokho kuphela engikwaziyo.

233 Kodwa unesidingo sikaNkulunkulu. Manje, ake sime nje, sithathe umzuzu nje ukufundisisa umzuzu. Manje, bangaki kini lapho abaziyo ukuthi uJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, ngenkathi Efika, WayenguMesiya kaNkulunkulu, OGcotshiweyo na? Niyakukholwa na? Abantu bazi kanjani ukuthi WayengoGcotshiweyo na? Ngoba Wenza isibonakaliso sikaMesiya. Manje, babengakaze babe nomprofethi iminyaka

engamakhulu amane, no-Israyeli njalo uyabakholwa abaprofethi babo.

234 IBhayibheli lithi, "Uma kukhona phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi ngizoZazisa kuye, ngikhulume kuye ngemibono," nokunye nokunye. "Futhi uma akushoyo kufezeka khona-ke muzweni, kodwa uma kungafezeki khona-ke ningamesabi lowomprofethi, ngoba aNgizange ngikhulume naye." Awu, lokho nje kuwumqondo kuphela, niyabo, ukuthi kuyoba njalo.

235 Manje, uMesiya, ngokweBhayibheli, wayezoba ngumProfethi, uNkulunkulu-mProfethi. UMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa uMprofethi," kuDuteronomi, "onjengami." Futhi ngenkathi Efika, baMqonda kanjani ukuthi ungumProfethi na? Ngoba Wabikezela izinto ezaziyizo impela, Wayazi imicabango eyayisenhliziyweni yabo, Wabatshela ukuthi babengobani, ukuthi babeyini, ukuthi zaziyini izidingo zabo, ababekwenzile. Ngabe kunjalo na? Futhi bazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya.

UFiliphu wathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli," lapho Emtshela ngaye, isimangaliso senziwa kuye.

236 Manje, kuJohane oNgcwele, isahluko se 14, nevesi le 12, UJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza."

237 Manje, uma nginitshelile kulobubusuku . . . Ake nginibonise ngobuthakathaka besimo sebandla. Sizisho ukuthi singamaKristu. Uma bengithe umoya kaJohn Dillinger ubukimi, bengiyoba nezibhamu futhi bengiyoba umdlwembe, ngoba lokho kusemvelweni. Uma ngithe umoya . . . Uma ubeka impilo yo—yomvini wethanga emvinini wamagilebhisi, uyothela amathanga. Impela, ukuphila okukukho okukuvezayo. Khipha ukuphila esihlahleni sama-aphula ukufake esihlahleni samapheya, siyothela ama-aphula, ngoba ukuphila kwesihlahla sama-aphula kukuso.

238 Faka ukuPhila kukaKristu kumuntu ngamunye, kuzothela izithelo zikaKristu, nokuPhila kukaKristu. Yingakho Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Manje, bukani, Wake wahlela isikole, ikolishi na? "Imisebenzi engiyenzayo . . . " Wathi, "Uma ningaNgikholwa, kholwani imisebenzi eNgiyenzayo, iyafakaza ngaMi."

239 Yimiphi imisebenzi eyafakaza ngaYe na? Buka lowo wesifazane omncane enhla lapho, wathi, "Ngiyazi lapho uMesiya efika Uyokwenza lezizinto, kodwa Wena unguBani na?"

Wathi, "NginguYe."

240 Wangena wathi, "Ingabe lo akuyena yena kanye uMesiya na? Akukhona yini lokho uMesiya okufanele akwenze na? Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile." Niyabo?

241 Awu, uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, Usenguye. Manje, into kuphela ngumzimba wenyama. "Kuseyisikhashana, futhi izwe," kosmos, ukuhleleka kwezwe, "ngeke lisaNgibona. Nokho niyoNgibona," iBandla, ikholwa, "ngoba Ngi" futhi u *Ngi* isabizwana somuntu, "Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe," ukupheleliswa. "Ngizoba nani, nakini, kuze kube sekupheleni kwezwe. UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, phakade." Khona-ke uma uMoya kaKristu ukithi, Uzokwenza imisebenzi kaKristu. Yilapho ukukholwa kwami lumi khona.

242 Futhi niyazi angisiye umshumayeli, anginamfundo, angikwazi ukushumayela, angizisho ukuthi nginguye. Kodwa ukushumayela kwami kungesiphiwo, ukuqinisa lokho abashumayeli abashumayela ngakho. Ekungazini kwami, ngicabanga ukuthi uNkulunkulu wavele wangivumela ukuba ngiphakame kanjalo kodwa eyazi inhliziyo yami, ukuthi ngiyabathanda abantu futhi ngiyamthanda uNkulunkulu, ngifuna ukwenza okuthile.

243 Futhi uma nginganithandi, khona-ke angimthandi uNkulunkulu. Okuwukuphela kwendlela engingakhonza ngayo uNkulunkulu ukukhonza nina. "Khonzanani omunye komunye. Lokho enikwenzile kwabancinyane balaba abancinyane, nikwenzile nakiMi."

244 Nginamsebenzi muni phandle lapha kulobubusuku na? Ini. . .kungani ngingekho ekhaya? Kungani ngingekho enhle emagqumeni nenduku yami yokudoba ndawo ndawo na? Ezansi lapha ngomkhohlisi futhi ngizohlangana noNkulunkulu ngaleya ekwaHlulelweni na? Hhayi mina. Ngiyohamba ngiyodoba, ngiyozingela kuqala, futhi ngihlangane noNkulunkulu ngokuthula. Ngime lapha nomkhohlisi . . .

245 Akukhona ukuthandwa ngabantu, niyazi ukuthi ngiyakugwema lokho. Anginazo izinhlelo ezinkulu, futhi ngincenga abantu ngemali, na—nalo lonke lolu hlobo lwezinto, Angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami. Ngigcina umhlangano wami lapho engingaya khona nomaphi lapho uNkulunkulu engithumela khona, uma kungukuthi, akunandaba noma yiTimbuktu, noma ngabe kukuphi. Uma Efuna ngishumayele ezinkulungwaneni ezingamakhulu amahlanu, njengaseBombay, Ungithumela laphaya, omunye umuntu uyakuxhasa. Uma ngifuna ukwehla lapha lapho kunabantu abane noma abahlanu kuphela, angidingekile ukuba ngibe nemali. Ngifuna ukuba lapho uNkulunkulu angangisebenzisa khona. Futhi sonke phakathi kwethu lapha,

sifuna nje ukuba lapho uNkulunkulu engasisebenzisa khona. Niyabo?

246 Manje, UnguNkulunkulu. Futhi uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namuhla Ayehlezi enguye, khona-ke Akazange abe nguNkulunkulu. Futhi iBhayibheli lithi UngumPristi oMkhulu. Ngabe kunjalo na? Futhi unguye, angathintwa ngokuzwelana kobuthakathaka bethu, umPristi oMkhulu ephila, ephila njalo njalo, ukusinxusela, futhi angathintwa ukuzwelana nobuthakathaka bethu.

247 Manje, ubufakazi bukaNkk. Shakarian, amakhulu abanye, bangafakaza into efanayo. Manje, niyazi ukuthi angisiye uMesiya, ngingumfowenu, omncinyane phakathi kwenu nonke. Ngangingumshumayeli weBaptisti ngiza phakathi kwenu bantu, ngoba amaBaptisti ayengekwamukele, futhi bangitshela ukuthi ngangiphambene engqondweni yami. Kodwa ngiyazi uma uNkulunkulu ekuthumile, kukhona umuntu ndawondawo ukuba akwemukele ndawondawo, ngakho yingakho ngilapha.

248 Manje, kuyisiphiwo nje, uma uNkulunkulu ezongibeka nje kulesosimo, ngingumkhulumeli waKhe nje. Manje, lamadoda ayizifundiswa, anokuqeqeshwa, ayazi ukuthi kuhlanganiswa kanjani, Ngifanele nje ngikufafaze lapho noma ngayiphi indlela, ngokuphefumulelwa nje. Kodwa bayakwazi ukuthi kuhlanganiswa kanjani futhi kube nengqondo ngakho, kodwa ngifanele ngifinyelele phezulu, futhi ngikuthole, futhi nje ngikuphonse, futhi ngifinyelele, ngikuthathe, futhi ngikuphonse; yiyona ndlela kuphela enginayo yokukwenza.

249 Kodwa kulokhu, isiphiwo, uma uNkulunkulu ezosipha, ukuthi Uyasithatha futhi anyakaze, futhi ukhuluma lapha, umPristi oMkhulu ofanayo nje . . . Owesifazane wathinta ingubo yaKhe . . . Futhi uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, onguye izolo naphakade, Uyokwenza ngokufanayo uma EngumPristi oMkhulu ofanayo. Niyakukholwa lokho na? Manje, yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Ningangabazi, kodwa kholwani nje.

250 Ngifuna ukwazi, ngalapha, nina bantu enigulayo, noma kuphi esakhiweni noma ungaba kuphi, futhi uyazi ukuthi angazi nento eyodwa ngawe, vele uphakamise isandla sakho. Awu, kuqinile nje. Manje, khulekani bese nenze lokhu . . .

251 Manje, lokhu kwathenjiswa. Ukuba benginesikhathi sokukubuyisela lapho uJesu athi, "Njengoba kwakunjalo ezinsukwini saze—zaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu . . ." Niqaphelile ukuthi hlobo luni lweBandla iNgelosi eyayihlezi ngakulo, ngenkathi Ifulathele izethameli njengokuthi, noma, ebuyela etendeni futhi Yathi, "Uhlekeleni uSara na?" etendeni?

252 Manje, uJesu ubikezela khona lapho ukuthi leyonto izokwenzeka futhi. Khona . . . uNkulunkulu Waziqinisekisa

ngaleyondlela kumaJuda, kumaSamariya, kodwa hhayi kwabeZizwe, ngoba abeZizwe babengabheke Mesiya. Namuhla sibheke uMesiya, nendlela Akwenza ngayo emuva lapho, Yena, uNkulunkulu unguNkulunkulu, Akasoze athatha isinqumo abese eguquka, futhi athi, "Ngizokwenza okunye." Futhi uma Evumela iBandla ukuba lingene nje ngesayense yezenkolo, ngaphandle kokuZibonakalisa phakathi kwabo kanjalo, khona-ke Ubenzela okuthile emuva lapho Angasenzelanga khona. Kodwa Wethembisa ukukwenza, yilokho engikukholwayo, futhi yilokho Akufakazisayo.

253 Manje, yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Phikelela. Ithi, "Nkosi Jesu, lowomshumayeli omdadlana onempandla emi lapho akazi lutho ngami, kodwa Wena uyazi. Nkosi Jesu, ngaphandle kokwethuka, ngicindezelwe wonke, ngiza ngokuzithoba, ngivuma zonke izono engake ngasenza. Ngiyakuthanda, Nkosi. Ake ngiKuthinte, Uzokwenza yini, Nkosi na? Ngiyakudinga. Khona-ke Wena sebenzisa izindebe zakhe, uma engitshele iqiniso, futhi ngikholwa ukuthi ukwenzile, sebenzisa izindebe zakhe futhi uphendule, Baba waseZulwini, futhi ngazise. Khuluma kimi njengoba Wenza kowesifazane owayenomopho, ngizoKukholwa." Uzokwenza lokho na? Ngabe bekuyokwenza uphikelele khona-ke, ukuthi ubambelele ngqo? Kulungile. Asikhuleke.

254 Manje, Baba waseZulwini, umhlangano ngowaKho. Angikwazi ukuzenza. . .Ngiyacela kuphela, Nkosi, angiKuceli ngisho nokuthi ukwenze, kodwa uma kuba sentandweni yaKho yobuNkulunkulu, ngohlelo lwaKho, makwenzeke. Akunandaba ukuthi bengiyothini, iZwi elilodwa elivela kuWe lizosho okungaphezu kwalokho sonke ebesingakusho, Nkosi, empilweni yonke, iZwi elilodwa nje elivela kuWe.

255 Manje, ngizamile kuyo yonke leminyaka engamashumi amathathu-nanye yokushumayela ukubamba iGama laKho, ukukhuluma ngaWe. Futhi manje, Baba, Awukaze unginzele phansi nganoma yisiphi isikhathi, futhi angikholwa ukuthi Uzokwenza kulobubusuku. Ngakho ngikhulekela ukuthi Uzosinika okuthize, Nkosi, ukuze abantu bagoduke, izihambi ezikanye nathi, futhi sithi, "Ngempela, uJesu Kristu akafanga, Uyaphila, ngoba ngiMbonile esebenza ngezidalwa ezingabantu kulobubusuku, enza umsebenzi ofanayo, ngakho kufanele kube ukuPhila okufanayo." Khona-ke bayolambela Wena, Nkosi, futhi beze futhi bavume Wena njengoMsindisi wabo. Ngiphe khona, ngiyakhuleka, eGameni likaJesu. Amen.

(Ngidonsela emuva *lapha*, ningakwenzi nje. Khulekani. Niyabo? Ngikhulekeleni nje. Niyabo? Makube phandle *lapha*. Isikhathi sethu sizoba kusasa.)

256 Ingena ngokushesha ngqo. Ngiyakuthanda lokho. O, anazi ukuthi ngizizwa kanjani! Kambe, ngabe senisithengile

isithombe senu saKho na? Bangaki abake basibona isithombe saleyoNgelosi yeNkosi na? Banaso emuva lapho futhi ungasithola. Sathathwa ngapha, siseWashington DC, eHholo Lezenkolo Lezobuciko, okuwukuphela kwesiDalwa esingaphezu kwemvelo esake sathwetshulwa, iNsika yoMlilo.

257 Eminyakeni edlule, ngenkathi umfana omncane, ngenkathi ngibhaphathiza ezansi emfuleni ngalolosuku, umlayezo wami wokuqala nje ebandleni leMissionary Baptisti, ngangibhaphathiza amakhulu amahlanu. Futhi ngaleyontambama, ngoJuni, 1933, ngoJuni, cishe ziyi 15, nakhu kufika leyoNsika yoMlilo izungeza esibhakabhakeni, khona ngqo kwenhle, intambama ebalele, futhi yehle ngqo naleloPhimbo elazamazamisa izwe ukuzungeza lapho, lathi, "Njengoba uJohane umBhaphathizi wathunywa ukwandulela ukuFika kukaKristu kokuqala, uMlayezo wakho uyokwandulela ukuFika kwesibili." Manje, lokho kwaqala imvuselelo ngokushesha emva kwalokho. Futhi nakho kunqamule esizweni, emhlabeni jikelele, iPentekoste ivuselela. Futhi yilokho okwenzekile, ukufika kwesibili kukaKristu.

258 Futhi manje, amaphephandaba ayekuqukethe enhla eCanada. Kwakusezihlokweni, kanjalonjalo, futhi kwaqhubekela ku-Associated Press, Ngangilokhu ngitshela abantu. Kwase kuthi ekugcineni iso lekhamera liqala ukuKubamba, futhi manje sebenakho emuva lapho.

259 Manje, bangaki owaziyo ukuthi leyoNsika yoMlilo kwakunguJesu Kristu na? INgelosi yeSivumelwano, impela. Impela. Manje, bukani, ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu." Ngabe kunjalo na? "Ngivela kuNkulunkulu, ngiya kuNkulunkulu." Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, uPawulu, uSawulu ngalesosikhathi, wayesendleleni yakhe ehlela eDamaseku ukubopha abanye abantu ababebanga umsindo omningi kakhulu, bememeza futhi beqhubeka.

260 Ngakho wayesendleleni yakhe eyehlayo, naleyoNsika yoMlilo yehla phambi kwakhe, abantu abayibonanga, wayibona, labo ababenaye abayibonanga, kodwa iNsika yoMlilo eyamshaya waba yimpumputhe, futhi wawela emhlabathini, futhi Yathi, "Sawulu, Sawulu, uNgizingelelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi?"

261 Yathi, "NginguJesu." Uvela kuNkulunkulu, futhi Wabuyela kuNkulunkulu. Futhi ngenkathi leyoNsika yoMlilo, uMoya, wawusemzimbeni woMuntu othiwa uJesu Kristu, wenza lezo zimangaliso . . .

262 Futhi Unguye izolo, phakade. Futhi Nakhu, izwe lesayense liyafakaza, njengoGeorge J. Lacy, inhloko ye-FBI, owahlola esiphrintiwe, njengoba nisazi, kukhona ukubhala kwakhe ngakho kanjalo, wathi, "Bengingumgxeki wakho, Mnu.

Branham, kodwa," wathi, "iso lomshini lalekhamera ngeke lithathe isayense ephathelene nenqondo." Wathi, "UkuKhanya kushaye ingilazi eqoqa ukukhaya."

263 Manje, khona-ke uma lowoMoya ungafaki ubufakazi obufanayo nalokho uJesu Kristu abufakazayo, khona-ke akusiwo uMoya ofanayo, kodwa uma Kwenza, NguYe phakathi kwethu. Ungakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

264 Khuleka, umuntu othile wakulesisifunda ngapha, khuleka nje ubuke ngalendlela. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje. UMoya oNgcwele ulapha. Ngithatha yonke imimoya ephakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami eGameni likaJesu Kristu, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Hlalani nithule manje, lezizifo zizosuka komunye ziye komunye, niyakwazi. Khulekani nje.

265 Yebo. Bukani lapha, anikuboni lokho kuKhanya khona ngqo phezu kwaleyondoda ehlezi phansi lapho, lokho kuKhanya okuncane okukhazimulayo phezulu kwendoda ekhothamise ikhanda layo. Inenkathazo yomgogodla, izohlinzwa emgogodleni wayo. Arthur, sukuma wamukele ukuphulukiswa kwakho eGameni leNkosi uJesu.

266 Haleluya! Manje, ngifuna ukunibuza okuthize, ngifuna ukunibuza bazalwane: Uthinteni na? Akazange angithinte. Niyabo? Ukude namayadi angamashumi amabili ukusuka kimi, akakaze angithinte.

267 Uma siyizihambi komunye nomunye, xhawula emuva naphambili, indoda esanda kuthintwa nguNkulunkulu ngalesosikhathi. Uma singazani, xhawula.

Ini? Kodwa uNkulunkulu ubemazi.

268 Khona ezansi kohlu ukusuka kuye, lapho, ngowesifazane omncane, omncane ngokomzimba waseMexico, ukhulekela umyeni wakhe onesifo sokwethuka. Kholwa, Dadewethu, uzophila. Uyakukholwa na? UNkulunkulu akubusise. Nathi siyizihambi. Ungangabazi nje, yiba nokukholwa.

Niyabona ukuthi Uyini na? "Umlomo wofakazi ababili noma abathathu maliqiniswe lonke iZwi."

269 Lapha, bukani lapho, bukani lowo wesifazane. Kukhona owesifazane owondlekile ohlezi lapho. Une—nesilonda sasesiswini, isilonda esophayo emlenzeni wakhe, sisemlenzeni wakhe wesobunxele. Futhi ubehlezi lapho ekhuleka, "Nkosi Jesu, makube yimina." Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili, kanje.

270 Angimazi owesifazane, uyisihambi. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho nenekazi, uma siyizihambi komunye . . . Bengingazi kanjani ukuthi ukhulekela ini? UNkulunkulu ofanayo ozwa umkhuleko angawuphendula umkhuleko . . .? . . . UnguNkulunkulu. Amen.

271 Kuthiwani ngalowesifazane ohlezi lapha egqoke lengubo eluhlaza satshani na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Siyizihambi komunye nomunye, siyizo na? Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi siyini isifiso sakho, uzokukholwa na? Ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Wena yemukela uMoya oNgcwele, iGama likaJesu Kristu.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Yiba nokukholwa nje, ungangabazi. Kholwa yiZwi likaNkulunkulu. Ingabe usukulungele ukukholwa na?

272 Lapha, Nakhu. Le ndoda ehlezi kulesisihlalo esinamasondo. Mnumzane, ngikholwa ukuthi uyangazi. Angikwazi nje ukukwenza. Kodwa ukuKhanya bekuphezu kwakho nje emizuzwaneni embalwa edlule, qhubeka ukhuleka.

273 Nenekazi, elihlezi lapha, khona lapha phambi kwami. Lisanda kuhlinzwa, okuphatheleni nesinye okuphelele, izindlala zesifazane. Akwenziwanga kahle, kubi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisa na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma inceku yaKhe na? Uyakholwa? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuthi ungubani uma Ezongivumela ngibize igama lakho na? Nkk. Cole, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Uhlala e-700 blokhi kwisitaladi u-east Maple, eGlendale, yiya ekhaya futhi ukholwe, noJesu Kristu uyakuphilisa.

274 Kambe, lowo ngumama wakho ohlezi emva kwakho ngqo, futhi uyagula. Lokho kumxhuxhumise kakhulu ukubona indodakazi yakhe iphulukiswa. Unesigaxa ezibilini zakho *lapha*, ukhuleka ngalokho. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona uzakuphulukiswa.

Kholwa, yiba nokukholwa.

275 NaKhu kuphezu kwendoda . . .? . . . Mnumzane. Une . . .? . . . U—uzofa uma uhlezi lapho, yilokho kuphela. Unoketshezi emaphashini akho . . .? . . .

276 UNkulunkulu akubusise. Amen. Ake sithi, “Dumisani iNkosi.” “Dumisani iNkosi.”

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
O, mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisuse ngalinye . . .

Yimani ngezinyawo zenu. Mnikeni udumo uma nifuna ukuphulukiswa.

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
O, Mnikeni udumo nonke . . . (NaNgo ebuya edlula.)
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

277 Uyamfuna abe nguMsindisi wakho na? Uyakholwa ukuthi Wathatha indawo yakho na? Khuphukela e-altare manje. Asikhuleke, nina enifuna uMoya oNgcwele, khuphukani . . . ? . . .

NgoMdumisa, ngo . . .

Yilokho kuphela. Ulapha . . . ? . . . Wozani . . . ? . . . Leli yihora. Kukholweni.

Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lingasusa onke amabala.

278 Woza, mngane oyisoni. Woza, wena ongenaMoya oNgcwele. Leli yihora lokuWemukela . . . ? . . . Ufanele ukhuphuke uzinikele.

Leyondoda lapho ene TB, kukhohlwe, Mnumzane. UNkulunkulu ukuphilisile. Haleluya!

. . . Yena udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
O, Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lingasusa onke amabala.

NgoMdumisa,

Nkosi Jesu, siphe lokhu kuphulukiswa eGameni likaJesu.

NgoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

Ngodumisa . . .

279 Qhubekani nikhuphuka, qhubekani nikhuphuka wonke umuntu ofuna uKristu. UMoya oNgcwele usanda kwehlela phezu komfana omncane lapha.

. . . Mdumiseni,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

280 Baba waseZulwini, ngiyakhuleka manje ukuthi eGameni likaJesu makuthi okwaKho . . . ? . . . Siphe, O Nkulunkulu . . . ? . . . lezi zindwangu zomkhuleko, futhi ubaphilise . . . ? . . . futhi ngiyakhuleka, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

